# *JEHOVA-JIRA*

Ngiyabonga. [UMfowethu Slater uyakhuluma—Umhl.] Ngiyabonga. Ngiyabonga, Mfowethu. Ngiyabonga, Mfowethu Slater. INkosi inibusise.

2 Ningahlala phansi. Ungakwala kanjani ukwamukelwa okunjalo na? Impela nginibonga ngomusa omkhulu ngalokho kwemukelwa okuhle, Mfowethu Slater. Futhi ngiyazi ukhuluma ezinhliziyweni zabo bonke abazalwane, ngenkathi usho lokho, inhlangano, nakho konke okuphathelene, nasezethamelini. Ngiyabonga, kakhulu.

3 Niyazi, ungahlala uzizwa wamukelekile kakhulu uma omunye umuntu ekutshela okuthize. Omunye wathi ngesinye isikhathi, ngangishumayelile futhi ngangiphuma, omunye wathi, "Mfowethu Branham, lokho bekukuhle ngempela."

4 Kwakukhona omunye umfundisi owayehamba ngakimi, wathi, "Ngiyajabula abantu abaqhoshi ngami." Wathi, "Angifuni baqhoshe ngami."

Ngathi, "Awu," ngathi, "Ngiyafuna." Ngathi, "Ngi . . ." Ngathi, "Ngi—ngiyakuthanda lokho."

Futhi wathi, "Awu, impela angibafuni besho . . ."

5 Ngathi, "Munye kuphela umehluko phakathi kwakho nami: ngikhuluma iqiniso, futhi awunjalo, yilokho kuphela." Impela.

6 Ubaba wayevame ukungenza ngisebenze kanzima ngokuphindwe kabili kunengingakwenza ngoba wangitshela ukuthi ngangenza umsebenzi omuhle. Ngakho, sonke siyakuthanda lokho, siyathanda ukutshelwa. Futhi—futhi-ke ngiyakuthakasela okuhle, ukugxekwa kobungani uma omunye ethi, "Manje, wenze iphutha lapho, kukhona okwenzile." Khona-ke ngiyazi, ngizozama ukukuqondisa lokho. Niyabo? Ngihlala ngikwazisa ukugxekwa, aninjalo na? lapho kukokulungile. Ubone uma u—uma wenza into engalungile, awufisi ukuyenza ngaleyondlela. Ngi . . .

7 Omunye wathi, "Awu, bengi—bengiyokutshela, kodwa ngi—ngi . . ." Awu, impela, uma ungumfowethu, ufanele ungitshele, ngifuna ukukwazi.

8 Ukhona ofuna ukuya nami e-Indiana na? Ngisanda kushayela ucingo umkami emizuzwini embalwa edlule, futhi kukhona amayintshi ayishumi eqhwa, kuneqhwa yonke indawo, yonke imigwaqo ivaliwe, amabhuloho avaliwe, kodwa wamukelekile ngempela ukuhamba nami. Lizoncibilika ezinsukwini ezimbalwa, sekwedlule isikhathi kakhulu enkathini yonyaka ukuba lihlale isikhathi eside kakhulu.

9 Ngakho siyahamba ngqo emva kwenkonzo kulentambama. Sizama ukufika ekhaya ngesikhathi nje ukuba singene emnyango owodwa futhi siphume komunye cishe impela, sibe nezinsuku ezithi azibe mbili ukuhlala. Bese-ke siya ngale eVirginia, cishe amamayela angamakhulu ayisishiyagalolunye ukusuka ekhaya futhi, futhi ezansi lapho ogwini lolwandle nesizinda esikhulu sasolwandle, noma, isizinda samasosha asolwandle, kanjalonjalo. Sehlela lapho ukuletha iVangeli kubo, sithole leloqembu labefundisi, bese sifaka udobo lwethu phakathi nabo, sibone uma singabamba eminye imiphefumulo ndawondawo.

10 Bese kuthi-ke ukusuka lapho siyabuya bese-ke senyukela e-Ohio, bese kuthi-ke ukusuka lapho siwelele eBloomington, e-Illinois, bese kuba yiChicago eLane Tech High School lapho esivame ukuhlangana khona lapho. Ihholo elikhulu elihle, lihlalisa cishe izinkulungwane ezine noma ezinhlanu futhi singa. . . Lokho kuzoba noxhaso lweChristian Business Men lomkhandlu waseChicago, lelo kuzoba yiviki lokugcina ngo-Aphreli. Bese kuthi ngoMeyi, ngiseBritish Columbia, nasenhla eDawson Creek, naseGrande Prairie, eFort Saint John, njalonjalo, niyazi ukuthi kuhamba kanjani.

11 Ngakho, ngifuna ukunicela into eyodwa, ngifuna ningenzele umusa. Nizokwenza na? Nje, lapho nikhuleka, ningikhumbule. Nizokwenza na? Lapho ngiphesheya kwezilwandle, nezinyanga bathakathi zimi lapho, namandla amademoni macala onke, ngingakhumbula nginabanye abangani bangempela phakathi lapha bengikhulekela, lokho kuzongenza ngibe nesibindi sokuphuma, ngazi ukuthi niyangimisa ngomkhuleko. Ngiyakuthakasela lokho.

12 Ngifuna ukuzwakalisa ukubonga kwami kulenhlangano, bonke lababefundisi abaxhasayo. Ngidle ukudla kwasekuseni nabanye ngokunye ukusa, nginitshelile, futhi ngikholwa ukuthi bengeze okunye futhi kusukela ngaleyonkathi, ngakho ngi—ngiyaluthokozela ngempela ubambiswano lwenu oluhle. Amahlelo ehlukene ayangena nje, ehlakazeka, nje singabafowethu, futhi yileyondlela okufanele kube yiyo. Ngithemba ukuthi lokho akusoze, akusoze kwasuka kuleyondawo, hlala njalo nje kanjalo, singabafowethu.

13 Futhi ngokwenzenjalo, ngicabanga ukuthi nginikwe mina nguNkulunkulu i, enye yezimvuselelo ezincane ezinhle kunazo zonke engike ngaba kuzo eminyakeni, khona lapha. Angikaze ngibabone abantu bephinda belambela uNkulunkulu, kunoma nginakho khona lapha, angikaze ngikubone nomaphi e-United States, kunalokho okuyikho ngqo kulesisigodi.

14 Ngingena ezindaweni zamabhizinisi, intombazane encane eyiKatolika yayendlala umbhede ehhotela labahamba

ngezimoto lapho ebengihleli khona, futhi yathi yayihlala eduze kwamaPentecostal, yathi, "UyiPentecostal na?"

Ngathi, "Yebo."

Yathi, "NgiyiKatolika."

Ngathi, "Ngiyilo, nami."

Futhi yathi, "Ungaba kanjani yiKatolika nePentecostal ngesikhathi esifanayo na?"

15 Ngathi, "Awu, buka, alisho yini iBhayibheli lamaKatolika . . .? Ani—anisho yini, nina bantu abangamaKatolika nisho lokho ukuthi iBhayibheli lingumlando webandla eliKatolika lasekuqaleni na?"

Yathi, "Yebo."

"UJesu Kristu wasungula ibandla eliKatolika na?"

"Yebo, mnumzane."

"Futhi abafundi bonke babengamaKatolika na?"

"E-hhe."

"Futhi baloba iBhayibheli na?"

"E-hhe."

16 Ngathi, "Manje-ke ngiyiKatolika eliyifashini endala, ngiyakukholwa okushiwo yiBhayibheli, niyabo." Uma lokho kwakuyimfundiso yebandla eliKatolika lasekuqaleni khona-ke ngiyiKatolika, niyabo, hhayi lolu hlobo olusha lweKatolika, iKatolika eliyifashini endala, niyabo, lelo uJesu alisungula.

17 Futhi empeleni igama—igama *katolika* lisho "umhlaba wonke" empeleni. Ngakho nje ku . . . Ngakho ngiyakholelwa enkolweni yomhlaba wonke uJesu Kristu ayisungula ngoSuku lwePhentekoste, ngakho ngiyiPentecostal-Katolika. Wake wambona oyedwa ngaphambilini na? Futhi ngakho lokho kuhle kakhulu.

18 Sifuna ukunibonga ngamunye wenu bantu, i, ngokukhokha izikweletu. (Ngiqagele konke kukhokhelwe na? Ngabe bangithathelile umnikelo wothando na? Konke kukhokhelwe. Futhi bathatha umnikelo wothando na? Manje, uma bengakakwenzi, faka umnikelo wothando ngqo kulokho, ukubona ukuthi konke sekukhokhelwe.)

19 Abazalwane bavele bathi nje . . . Angazi lutho ngebhizinisi lakho, abanye bayakunakekela lokho. Ngizinikela nje emkhulekweni, futhi ngifundisisa iZwi likaNkulunkulu, nokubona lapho Ezongiholela khona, nokuthi yini engingayenza ngenkathi ngisesemphakathini. Futhi ngakho, bathi zonke izikweletu zikhokhiwe, futhi bangithathele umnikelo wothando. Manje, awudingekanga ukuba wenze lokho, niyabo, inqobo nje uma ukhokhe izikweletu, yilokho kuphela okudingekayo.

20 Kodwa ngizokuqinisekisa, mfowethu, dadewethu, ukuthi—ukuthi leyongxenye yokuphila kwakho, ukuthi okwedlula konke engikwaziyo ukuthi kanjani, ngalo lonke ulwazi uNkulunkulu azonginika lona, luyoya eMbusweni kaNkulunkulu, kunjalo. Futhi kwangathi uNkulunkulu anganivuza ngalokhu ukuma kobuqhawe enikuthathile, futhi—futhi nasiza ukuletha lenkonzo esigodini lapha, kwangathi Anganibusisa ngokuphindwe ngekhulu.

21 Kwathi emBhalweni, "Enikwenzile kwabancinyane balaba abancinyane baMi," lowo kuyoba yimi, "nikwenzile kiMi," kwasho iNkosi uJesu. Futhi ngakho, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa kakhulu ngakho.

22 Futhi manje, lokho okuzosetshenziselwa izimishini zaphesheya kwezilwandle, ukuba baye emasimini angaphandle futhi bashumayele kubantu abangenawo nowodwa upeni. Laphaya, izithunywa zenkolo zishumayela iVangeli, zingafake zicathulo, zingenayembe, zishumayela iVangeli. Futhi ubungabalindela kanjani abantu abanjalo ukuba baxhase umhlangano na? Bebengekwazi ukukwenza. Banga... bangangithumela kanjani ukuba ngize laphaya futhi ngibuyele emuva na? Kodwa khumbula, imali yakho oyifakayo izoya ngaleyonhloso, ukusiza ukusindisa labo uJesu abafela ukubasindisa.

23 Futhi ngiyazi ukuthi lapho sekubekwe ezandleni zami, ngiyigosa lalokho ngaleyonkathi, kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, noNkulunkulu uzongenza ngiphendule ngakho ngoSuku lokwaHlulela, angenze ngiphendule, ngakho ngifuna ukuba igosa elihle ukwenza konke engingakwenza.

24 Futhi manje, nangomkhuleko wenu omuhle nokubambisana, njalo ebusuku indawo yayigcwele phama, nabantu bajikiswa, futhi siyakuthakasela lokho.

25 Futhi uma kuyintando yeNkosi, ngizama kuphela nje ukuya lapho Engiholela khona ukuba ngiye, niyabo, lapho nje engizwa ngiholeleka khona, khona-ke ngiyahamba. Bese kuthi-ke uma ngikwenza, khona-ke lapho ngigijima ngibhekane nesithiyo, ngingama eGameni leNkosi, futhi ngithi, "Lapha, Sathane, ungavele usuke endleleni ngoba lena yintando yeNkosi, niyabo. Ngiza ngeGama leNkosi uJesu, futhi—futhi ufanele uphume endleleni."

26 Futhi uma nje sibhekisisa inkonzo yethu kanjalo, futhi nje wenze lokho uNkulunkulu akutshela ukuba ukwenze, akunandaba uma kubonakala kungalungile noma kulungile uma uNkulunkulu ekuhola, qhubeka nje uqhubeke, niyabo. Kuzo...Into yokuqala ukucabanga ngayo, "Ngabe kuyintando kaNkulunkulu na?" Bese kuthi-ke injongo yakho nempokophelo. Uma impokophelo yakho ilungile nenjongo yakho ilungile, khona-ke yisho kulentaba, "Nqukuleka," futhi izonqukuleka.

Kunjalo. Uma kuyintando kaNkulunkulu, nempokophelo yakho ilungile, nenjongo yakho ilungile, kuzofanele kukwenze.

27 Nibe nesineke, futhi siyanibonga ngomusa omkhulu. Futhi manje, sifuna futhi ukubonga abaphatheli balenhlangano esunguliwe, noma kunjalo ilawulwa lapha, ngokusivumela size kulezizinkundla zemibukiso lapha, ukuba sibe nomhlangano wethu lapha, ngiyakuthakasela. Ngiyamthakasela lomgcini okahle, noma—noma umlindisango phandle lapha, insizwa enobungani impela, uhlala evayizelisa futhi ekahle ngempela.

28 Futhi—futhi konke, umculo, ngizwe uDadewethu Fife, u-Olivia Fife, ukucula kwakhe, uvela, uza ngapha uvela eLos Angeles, enhla lapha. Lokho kuhle kakhulu, Dadewethu, impela ngiyakuthakasela lokho. Nabo bonke abangani bami abavela ezingxenyeni ezehlukene zezwe, eFresno, eBakersfield, nangakhona obesivakashela, impela siyanibonga ngazo zonke izinhliziyo zethu.

29 Futhi uma ngishiye noma yini, ngani, ngithetheleleni, Ngi—ngifuna nazi ukuthi siyayithakasela ngempela yonke into eyenziwe, yonke imizamo. Futhi nje siyanicela ukuba nisikhulekele manje, njengoba siqhubeka.

30 Futhi manje, ngibona amanye amaduku ebekwe lapha ukuba akhulekelwe. Ngani, impela siyakwenza lokho. Futhi uma ungazange uthole iduku lakho phezulu lapha, vele ungibhalele: Jeffersonville, Indiana, Post Office Box 325. Futhi manje, nizokuthola, nizothola i—iduku emuva. (Ngiyabonga.) Sithola . . . Uzothola, hhayi iduku, ngoba angeke ngikwazi ukuwathumela, a—abiza cishe ishumi nanhlanu, amasenti angamashumi amabili lilinye, nezinkulungwane zalawo ngenyanga, uyazi ukuthi uyaphi, angeke ngikwazi ukukukhokhela. Kodwa ngineribhini, nezinto ezincane udade angisebenzela zona, futhi azithole, azisike, futhi azilungise.

31 Manje, nizothola nje incwadi yefomu ejwayelekile evela kunobhala. Futhi uzokulungisa, ngoba ngumkhuleko womhlaba wonke oqhubekayo ngaso sonke isikhathi, uyakutshela ukuthi wenzeni, ukuthi isetshenziswa kanjani lendwangu yomkhuleko. Futhi uma uyifuna eyodwa, futhi awunamsebenzisi ngayo manje, thumela, ithole eyodwa, uyifake eBhayibhelini lakho e—eZenzweni isahluko 19, izokutshela ukuthi wenzeni ngayo. Bese-ke uyigcina lapho, ingane encane ivuka ngobunye ubusuku igula, omunye uyalimala, uthathe leyondwangu bese uyibeka phezu kwabo, bese ubhekisisa ukuthi kwenzekani. Kholwa nje. Niyabo? Futhi lolo kuzoba wuphawu lwakho.

32 Akukho zindleko, akukho zindleko zalutho, thumela nje futhi uyithole. Yilokho kuphela. Sibhalele nje e, uma ungakwazi ukukhumbula inombolo, 325, cabanga nje ngamadola amathathu namasenti angamashumi amabili nanhlanu. Futhi uma ungenakucabanga ngalokho, vele ufake

ukuthi Jeffersonville, Indiana, wonke umuntu uyangazi, ngisho emaphoyiseni, futhi ngakho bazoqiniseka ukuthi ngiyakuthola. Ngakho, kuthumele nje, futhi sizojabula ukunikhonzisa. Yebo, beza ebandleni lami, abaningi babo, umahluleli uza ebandleni lami, futhi si—sinenhlanganyelo nabo macala onke.

33 Futhi uma noma yimuphi mayelana nemibono, kumbe noma yini, uma noma iyiphi yalezozinto ibuzwa, uyamangala nje ukuthi kukuphi . . . kungani ungenyuki, eJeffersonville futhi ubuze ezinye zezikhulu edolobheni lapho na? Nibone ukuthi lemibono ibilokhu ikhona yini, nibone ukuthi ike yehluleke yini, noma omunye umuntu angene emihlanganweni, futhi abhekisise, futhi abone uma yake yehluleka, impela qhabo.

34 Ngihlezi ezindaweni zokudlela, ngigibele emgwaqeni, noma ngabe kukuphi, ubona nje u—u—uhlangothi oluncane lwakho lapha, niyabo, emigqeni, ngoba lokho nguwe okwenzayo empeleni, niyabo, ngukukholwa kwakho okuletha lokho. Lapho uNkulunkulu ekusebenzisa, ngokuvamile kuyinto enkulu ukuthi Usho ukuphela kusukela ekuqaleni.

35 Bengihlezi ekamelweni esikhashaneni esedlule ngikhuluma noMfowethu Arganbright oyigugu, *lapho*, sa—sasikhuluma ngokuthi lokho kwenzeka kanjani, ukuthi kwenzeke kanjani, ukuthi lokho kungashiwo kanjani ngaphambi kokuba ngisho kufezeke. "Kanjani wena . . . ?" Wathi, "A—angikutholi nje, ngibone ukuthi ungahlala kanjani lapha futhi usho izinto ezokwenzeka kusasa." Niyabo? "Kwenzeka kanjani ngeviki elizayo, lapho uzothola khona umuntu, ukuthi uzobe wenzani, kuzokwenzekani lapho . . . Futhi yona impela imibuzo ayonibuza yona, futhi yona impela imibandela enizothola khona *lokhu* futhi . . . " Awu, nguMoya oNgcwele, We—Wethembisa. Manje, Akasitsheli zonke izinto, Usitshela nje noma yini Afuna siyazi.

36 Manje, uma ubungathi, "Mfowethu Branham, Uzothini ngami na?" Angazi. "Uzothini . . . ? Ngabe Ukutshela yonke into, futhi akuvumele wedlule izinkathazo na?" Qhabo, mnumzane. Izikhathi eziningi ngihamba ngiyongena kubo ngqo, ngokukhulu ukujabula. Kunjalo.

37 Kuthiwani nge . . . ? Ukuba-ke umama wami ubelele lapha efa, futhi ethi, "Ndodana, ngasuka ngahamba etafuleni isikhathi esiningi ngilambile, ukuze ube nokuthile okudliwayo, ngakuncelisa ebeleni lami ngenkathi useyingane encane. Ngizosinda noma qha na?" Bengingeke ngazi, bengingeke ngasho, bengizodingeka nje ngicele uBaba wethu waseZulwini. Uma Engitshelile, bengingatshela umama wami, uma Engangitshelanga, bengingeke ngimtshele, ngoba angazi. Niyabo? Nje ngi . . .

38 Konke kuyazibusa, kukuYe, umuntu akahlanganise lutho nakho, ngakho khona-ke ngijabula kakhulu ukuthi uNkulunkulu wakwenza kanjalo. Ngakho sonke, lokho

kusibeka sonke. . .Ubengakhuluma kuwe futhi asho into efanayo, niyabo, akunandaba. Ngakho akukho namunye wethu omkhulu noma omkhulukazi, sonke nje singabantwana abancane bakaNkulunkulu, niyabo, sonke singabantwana bakaNkulunkulu. Futhi Usebenzana nathi ngokwehlukile, kodwa uBaba waseZulwini ofanayo owenza ukusebenzelana.

39 Manje, namhlanje, sithe sizokhulekela onke lawomakhadi omkhuleko esiwakhiphile. Futhi ngithe kuBilly, "Bangaki ongaphandle na?"

40 Wathi, "O, cishe amakhulu amane noma amahlanu, yilokho kuphela." Ngakho, khona-ke ushilo esikhashaneni esedlule, wathi, "Uyazi ngibe namaningi kakhulu akhishwayo," wathi, "Ngadingeka ngithole abafana beze bangisize nginikeze wonke umuntu ikhadi lomkhuleko." Ngakho kungcono ngiqale, angizange na? Noma singeke siqede. Kodwa thina. . .INkosi izosisiza. Ngilinde izinsuku ezinhlanu zalo kanye lelihora manje, lapho okuthize kuzokwenzeka uma nje sizokuvumela kwenzeke.

41 Manje, siyazi ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka, futhi singenza kuphela njengoba sizovumela uNkulunkulu enze. Futhi manje, sonke siyazi ukuthi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akusiyo into ethize u—umshumayeli ayiphatha esikhwameni, noma akusiyo into anayo ezandleni zakhe, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungukukholwa kwakho uqobo emsebenzini osuqediwe uKristu akwenzela wona eKalvari. Niyabo? Kuyinto ethize uNkulunkulu akwenzela yona.

42 Ngicabanga ukuthi uMfowethu Borders uwufundile umBhalo esikhashaneni esedlule, amaHeberu, noma, kwabaseRoma isahluko 4, ngo-Abrahama. Futhi ngifuna ukuthatha indikimba kulentambama etholakala kuGenesisi 22, isahluko 22 sikaGenesisi nevesi 14, futhi sizofunda.

43 Kodwa ngaphambi nje kokuba sifunde, besifanele sisondele kuKristu, kuqala, ngomkhuleko. Asikhothamise amakhanda ethu. Bangaki ofuna ukukhunjulwa na? Phakamisani izandla zenu, bese nithi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi."

44 Baba wethu waseZulwini, njengoba siza ngokuzithoba kakhulu eGameni leNkosi uJesu, ngibuka kulesisixuku esimangalisayo, futhi nje ngimangala ukuthi siyoke siphinde sihlangane futhi. Ngiyababuka, ngiyacabanga, "Angazi noma ngiyoke ngibabone yini bonke futhi, kanje na?" Ngingahle ngingakwenzi nhlobo. Uma ngingabuya futhi onyakeni kusukela manje, akukho kungabaza kodwa abaningi lapha bangeke babe lapha ngaleyonkathi. Futhi ngiyaqonda-ke ukuthi izinto engithi ziyo, ngizophendula ngazo ngoSuku lokwaHlulelwa. Ngingahle ngingabibikho lapha, qobo lwami, unyaka kusukela namhlanje, akukho namunye wethu ongahle abekhona, uJesu angafika

noma ngasiphi isikhathi. Futhi lapho Ekwenza, siya ekhaya naYe, ngoba Wasethembisa ukuthi singahamba.

45 Kodwa kukhona abanye phakathi lapha, mhlampe, Nkosi, ongakwazi Wena, futhi akakulungele ukuhamba, yilowo esifuna ukubhekana naye, khona manje. Ngikhulekela ukuthi kukhona okuzokwenzeka kulentambama, bazophendulela izinhliziyo zabo kuWe.

46 Ngikhulekela bonke abaphakamise izandla zabo, abaningi balabo babengamaKristu agcwaliswe ngoMoya, akungabazeki isibalo esikhulu kakhulu sasinjalo, futhi bayagula futhi bayadinga. O Jehova Nkulunkulu oMkhulu, banikeze zonke izidingo zabo, futhi lokho kuzoba ukukholwa ukukholwa ukuthi umsebenzi osuqudiwe usufeziwe.

47 Manje, ngalezizinkonzo ezine zokugcina sizame kanzima, Nkosi, ukubeka ukukholwa kwalababantu ngasemsebenzini osuqediwe owenziwa eKalvari, nesithembiso uNkulunkulu asenza, naleso uKristu asenza, nabaphostoli abasenza, nabaprofethi abasenza ngalolusuku. Futhi sibonga kakhulu kuWe, Nkosi, ukuthi Uqinise lonke izwi lakho ukuthi liyiqiniso. Manje, siyazi ukuthi Ulapha; abantu balindele ukukhulekelwa.

48 Manje, njengoba sithatha lendikimba, sikhulekela ukuthi—ukuthi Uzoyenza ithele, kwangathi ingakufeza lokho eyayihloselwe khona. Sibusise ndawonye, Baba, njengoba silindela kuWe manje, ngokukhonziswa kweZwi. Siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

49 Futhi manje kuGenesisi 22:14:

> *U-Abrahama waqamba igama* le*ndawo ngokuthi Jehova-jira: njengalokhu kuthiwa . . ., Entabeni yeN*KOSI *kuyakubonelelwa.*

50 Manje ngifuna ukuthatha leloGama elilodwa likaJehova: *Jehova-Jira*. UNkulunkulu unayisikhombisa ayinhlanganisela, amaGama okuhlenga: u*Jehova-Jira*, "iNkosi iyakuZibonela umhlatshelo"; *Jehova-Rafa*, "iNkosi ekuphulukisayo"; no*Jehova-Manase*, kanjalonjalo, "isiHlangu sethu, iBhanela lethu."

51 NalawomaGama awahlukaniseki, uma EnguJehova-Jira, khona-ke UnguJehova-Rafa futhi. Niyabo? Futhi ngakho, ungeke wehlukanisa lawomaGama okuhlenga. Futhi uma uJehova-Rafa wayengasetshenziswanga kuJesu, kanjalo kwakungenjalo, uJehova-Jira, wasebenza kuYe, ngakho uma Engesuye uMphulukisi, Akasuye uMsindisi. Ngakho, futhi uma EnguMsindisi, UnguMphulukisi futhi, futhi kungumsebenzi osuqediwe.

52 Manje, sikhuluma ngo-Abrahama noJehova-jira. Futhi igama elithi *jira* lisho ukuthi, "iNkosi izoZibonela umhlatshelo."

53 Manje, siyathola ekukhulumeni ngo-Abrahama... NginemiBhalo embalwa ehlukene kuGenesisi 12, 15, 17, 18, nelama 20, nelama 22, ngifuna nje ukushaya izindawo eziphakeme zaleyomiBhalo, amaphuzu avelele, futhi ngikuhlanganise ndawonye kube uphumo oluncane kulentambama ekufundiseni kwethu, ukuze sikuveze obala ngempela, ukuze nibe nokukholwa ngempela.

54 Manje, ngifuna wonke umuntu, ikakhulukazi wena ozokhulekelwa, noma wena okhulekela omunye umuntu, ukulalelisisa manje, empilweni ka-Abrahama.

55 Manje, isivumelwano senziwa no-Abrahama, futhi hhayi ku-Abrahama kuphela, kodwa u-Abrahama neNzalo yakhe emva kwakhe. Futhi khona-ke sifanele sikhumbule ukuthi siyiNzalo ka-Abrahama. IJuda alisilo i*Juda*, okungukuthi ngokobuzwe liyiJuda, iJuda liyi*Juda* ngaphakathi, UyiNzalo ka-Abrahama lapho ethatha uKristu, uba yiNzalo ka-Abrahama, futhi usesivumelwaneni no-Abrahama, ngokuba isithembiso senziwa ku-Abrahama.

56 Manje, siba kanjani yiNzalo ka-Abrahama na? Lapho sinokukholwa u-Abrahama ayenakho. Uma niqaphela, njengoba uMfowethu Borders efunda imiBhalo, Lokhu kwenzeka ku-Abrahama esekusokeni, noma ephuma ekusokeni na? Ngenkathi e...Ngaphambi kokuba asokwe. Ngakho niyabo, imisebenzi ayisifikisi ndawo, ngukukholwa kwethu okusisindisayo.

57 Futhi ngi—ngifuna niqaphele ukuthi u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye, noma, kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga, ngokuba wakholwa nguNkulunkulu. Manje, wenzani na? Sithatha ukufundwa komBhalo, "Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo."

58 Manje, uma siyiNzalo ka-Abrahama, manje, lalelisisani manje, kuzoncinza, uma siyiNzalo ka-Abrahama akukho okuyosidiyazelisa sisuke esithembisweni sikaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi kuvelani, noma ubani osho okwehlukile, iNzalo ka-Abrahama ayisoze yasishiya lesosithembiso, uma uyiNzalo ka-Abrahama. Kodwa uma ungabaza, futhi udede, futhi uthi, "Awu, angikutholanga, ngi...kufanele kube ngokwesinye isizukulwane, akusebenzi nje kimi." Leyo akusiyo iNzalo ka-Abrahama, khona-ke kukhona okungalungile ngesehlakalo sakho.

59 UNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu uzofanele asigcine lesosithembiso, uma Engasigcini lesosithembiso, khona-ke Akasuye uNkulunkulu. Kodwa uma Esigcina lesosithembiso, indlela kuphela esingaphila ngayo ingokukholwa kwakho ukusenza siphile. IZwi likaNkulunkulu liyiMbewu.

60 Futhi njengoba uNkulunkulu anika u-Abrahama isithembiso, futhi sibe nezinkulungwane zeminyaka yolwazi lokuzibonela kusukela ku-Abrahama, kodwa u-Abrahama wenza isithembiso ku, noma, uNkulunkulu wasenza ku-Abrahama naseNzalweni yakhe emva kwakhe. Niyaqonda na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ku-Abrahama, *ne*, isihlanganiso sibopha umusho ndawonye, u-Abrahama *ne*Nzalo yakhe emva kwakhe. Hhayi *izinzalo* zakhe, kodwa *iNzalo* yakhe, iNzalo yaLowo u-Abrahama ayekholwa ukuthi yayiza ngokukholwa. Ngalokho kufika u-Isaka, ngo-Isaka kufika uKristu, ngoKristu kufika wena nami.

61 *INzalo* ka-Abrahama, hhayi *izinzalo* njenge*ziningi*, kodwa *iNzalo*, iNzalo yesithembiso. U-Abrahama wayenamadodana amaningana, u-Ishmayeli, wayesenamadodana ayisikhombisa ngomunye wesifazane, emva kokuba uSara esefile, ngaphandle kwamadodakazi. Ngakho, sithola ukuthi senziwa eNzalweni ka-Abrahama, iNzalo ayekholwa ukuthi iyofika ngowesifazane okhululekileyo, owayeyinyumba ngalesosikhathi.

62 Manje, ake sikwendlalele kancanyana nje. Manje, i... Sizoqala kuGenesisi 12, bese sakhela kuloGenesisi 22:14. Manje, qaphelani ukuthi...Bangaki manje abangaqonda ukuthi thina esifile kuKristu siyiziNzalo zika-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naye ngokwesithembiso na? Phakamisani izandla zenu. Kulungile.

63 Thina sifile kuKristu, lokho ngukufa ezintweni zezwe, manje-ke hlobo luni lwesimilo esifanele sibe nalo na? Ngiyamangala, kufanele kube yini, uhlobo lomuntu esifanele sibe yilo uma siyiNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye noKristu, kanye naye esithembisweni na? Isimilo sethu nendlela esiziphatha ngayo kuveza esinakho ngaphakathi kithi.

64 Uma sithi siyamkholwa uNkulunkulu bese-ke sibhadazela esithembisweni, futhi sithi, "Awu, angikutholanga." Khona-ke asisiyo iNzalo ka-Abrahama. Uma siyiNzalo ka-Abrahama, futhi siphume futhi senze izinto zezwe, sizisho nje ukuthi siyiNzalo ka-Abrahama, futhi *asi*yona iNzalo ka-Abrahama. Niyabo? U-Abrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu.

65 Eminyakeni emide edlule, ngikhuluma ngomlingiswa... Ngokwejwayelekile bayangilandela ngokuthi ngisishaya kanjani phansi i—isimilo sebandla, kufanele kuguqulwe umbuso futhi kukhushulwe futhi. Ngoba ngiyazi lapho ibandla liqala ukulahlekelwa yizimilo zezimo zalo, isimilo salo sesihambile nesimilo sesimo saso, siyehla. Lapho isimilo salo sihamba, izimilo zezimo zihambisana nakho, ngoba lapho beqala ukuziphathisa okwezwe, futhi babukeke njengezwe, futhi bazihlanganise nezwe, uKristu uyaphuma, nezwe liyangena.

66 Ngingowaseningizimu. Futhi ngi. . .Ezansi ezifundazweni ezingaseningizimu, eminyakeni eyedlula, babevame ukuletha izigqila zivela e-Afrika, amaBhunu akwenza, futhi azithengisa eningizimu nge, njengamahhashi omsebenzi.

67 Futhi ngikholwa ngempela ukuthi u-Abraham Lincoln wayengomunye woMongameli abakhulu kunabo bonke esake saba nabo ngokukhulula isigqila. UNkulunkulu akazange ahlose noma yimuphi umuntu ukuba abe yisigqila. Hhayi umbala wakhe, noma isivumokholo sakhe, yena, akunandaba ukuthi yini, akafanele neze abe yisigqila. UNkulunkulu wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo, ngokufana naYe. Umuntu wenza izigqila, hhayi uNkulunkulu.

68 Futhi babevame ukuletha lezozigqila ngapha futhi bazithengise, futhi ubungazithenga njengoba wenza emotweni esike yasetshenziswa endaweni yezimoto. Abathenga bathengisele abanye babedlula futhi bazithenge, futhi bangena emasimini futhi bazishintshanise. Babe nenkulukazi, indoda eqatha, futhi mhlawumbe umkayo ngomncane, owesifazane omude, ngani, bavele bathenge owesifazane omkhulu ngokuthe xaxa, bese bezalanisa lendoda enkulu kulona wesifazane omkhulu ukwenza izigqila ezinkulu ngokuthe xaxa, njengezinkomo. Usho ukuthi lokho bekuyothokozisa uNkulunkulu na? Qhabo, mnumzane. Akekho umuntu ongaba ngumKristu futhi akholelwe ebugqilini.

69 Esikhathini esithile esedlule emnyuziyemu othize ngangihamba ngolunye usuku, ngibone indoda endala eyikhaladi inendingilizi encane nje yezinwele ekhanda layo, imhlophe njengoboya bezimvu, futhi yayibuka, yayiphethe isigqoko sayo esandleni sayo, futhi emva kwesikhashana yabuka ngale kwento encane eyingilazi, futhi yagxumela emuva ngokushesha impela, izinyembezi zehla zigingqika ezihlathini zayo, futhi yahamba, kubukeka sengathi yayikhuleka.

Ngambhekisisa umfo omdala imizuzu embalwa, ngenyukela kuye, ngathi, "Malume," ngathi, "yini—yini o—oyikhulekayo na? Yini ekuxhuxhumisile na?"

Wangibuka ngokuxakile ngempela, wathi, "Bengibonga uNkulunkulu."

Ngathi, "Ubonga uNkulunkulu ngani, ngingabuza na?" Ngathi, "Ngingumfundisi, ngingathanda ukwazi, nje, ngikubhekisisile nje."

Wathi, "Woza lapha." Wathi, "Buka *lapho*."

Ngathi, "Angiboni lutho kuphela ingubo, ingubo yowesifazane."

Wathi, "Kodwa uyalibona lelobala lapho na?"

"Yebo."

70 Wathi, "Lelo yigazi lika-Abraham Lincoln." Wathi, "Uma ungabeka izandla zakho ngasohlangothini lwami, ubuyozizwa izibazi zebhande lobugqila." Wathi, "Lelogazi lasusa ibhande lobugqila kimi."

71 Ngacabanga, "Uma inigro belingezwa ngaleyondlela ngegazi lika-Abraham Lincoln elasusa ibhande lobugqila kulo, umKristu ubefanele enzeni lapho ebona iGazi likaJesu Kristu, Owathatha umphefumulo wakhe esihogweni, umphefumulo wakhe ebugqilini, izinto zezwe na? Kungani singabuyela emuva futhi sibe yisigqila sikadeveli futhi na?"

72 Babevamise ukuthenga lababantu abangamakhaladi nge, babatholele itayitela njengoba ubungenza, noma incwadi yokuthengiswayo. Ngoluny'usuku othenga athengisele abanye wafika epulazini elithile, wathi, kulensimu, wathi, "Unazo izigqila ofuna ukuzithengisa na?"

Wathi, "Awu, nginekhulu cishe phandle lapha, ngakho ungahle uzibheke, mhlawumbe sihwebe."

73 Futhi bona, abantu lapho bevela ezweni akubo endabuko, ngapha bevela e-Afrika, babe—babelusizi, futhi babedabukile. Babebabhaxabula ukubenza basebenze, bathathe isiswebhu esikhulu, futhi babashaye ukubenza basebenze. Babengafuni ukusebenza, ngoba babengenamdlandla wokusebenza, babephelelwe umdlandla nje.

74 Futhi baqaphela, ngenkathi lona othenga athengisele abanye esahambahamba, kwakukhona oyedwa obukeka kahle, omkhulu, umfo oqinile, umfo osemncane, babengadingeki ukuba bambhaxabule, wayekhiphe isifuba sakhe, isilevu sakhe sibheke phezulu, wayeqonde phezulu futhi ehamba.

Ngakho othenga athengisele abanye wathi, "Awusho, ngingathanda ukuthenga lesosigqila."

Kodwa umnikazi wathi, "Asithengisi."

Wathi, "Ngabe singubasi phezu kwazo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo, siyisigqila."

Wathi, "Siyi...?" Wathi, "Mhlawumbe usiphakela ngokwehlukile kancane kuzo zonke ezinye na?"

Wathi, "Qhabo, zonke zidla phandle lapho emkhunjini wempi ndawonye."

Wathi, "Yini esenza sehluke kakhulu kangaka kunezinye izigqila na?"

75 Wathi, "Bengihlala ngimangala, nami, ngaze ngathola ngakho." Wathi, "Uyabo, ngale ezweni lendabuko uyise uyinkosi yesizwe, futhi nakuba singowezizwe, nokho siyazi ukuthi siyindodana yenkosi, futhi siziphatha njengayo."

76 Uma inigro ebugqilini belingazi ukuthi uyise wayeyinkosi yesizwe, hlobo luni lokuziphatha okufanele owesilisa noma

owesifazane, owaziyo ukuthi uNkulunkulu uyiNkosi yethu, nakuba singabezizwe sihamba lapha kulelizwe na? Izihambi nabafokazi sizisho ukuthi siyiNzalo ka-Abrahama, sibheke uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu, ozofika ngolunye usuku.

77 Bekufanele konke ukuziphatha kwethu kube yini na? Hhayi njengezwe, kodwa sifanele siziphathise okwamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, siziphathe njengabantwana beNkosi, hhayi njengezigqila zezimfashini, nezigqila zenkanuko, nezigqila zokuziqhenya. Futhi sifanele sibe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, futhi siziphathe njengakho, futhi siziphathe ngaleyondlela, izingxoxo zethu, nakho konke, makunongwe ngoMoya kaNkulunkulu.

78 Isivumelwano sanikwa u-Abrahama neNzalo yakhe, manje qaphelani, isivumelwano uqobo sasingumusa, ngokuphelele. Kwakungekho, "uma uthanda," noma, "uma ungeke," noma, "uma wenza *lokhu*, Ngizokwenza *lokhu*," Wathi, "Sengivele ngikwenzile," hhayi, "uma uzokwenza okuthize."

79 Wenza isivumelwano no-Adamu futhi wasephula. Njalo lapho umuntu enza isivumelwano noNkulunkulu, umuntu wephula isivumelwano sakhe, kodwa uNkulunkulu wayezimisele ukusindisa umuntu, ngakho Wenza lesisivumelwano ngokungenambandela no-Abrahama, o, nakhu, u-Abrahama *ne*Nzalo yakhe, niyabo, isivumelwano sinikwa wena ngokungenambandela, hhayi, "uma uthanda," "Nginakho."

80 Ngakho-ke awudingi ukuba uthi, "Uma—uma—uma—uma—uma, Nkosi, uma—uma ngizokwenza *lokhu* noma ngenze *lokho* Uzongiphulukisa na?" Usevele ukwenzile, akunambandela, Usevele ukwenzile, ufanele nje ukwamukele.

81 UMoya kaNkulunkulu phakathi kuwe uyamemeza, wena uthi, "Nkulunkulu, ingabe Uzo . . .?" Njengalomama omncane nje ohlakeni lombhede lapha, lona osemncane, umfana onogazi obukekayo ehlezi lapha esihlalweni esinamasondo, umama eqhaqhazela efe uhlangothi, "Nkulunkulu bengingenzani ukuba ngenze Ungiphulukise na?" Usevele ukwenzile, into kuphela ofanele uyenze ngukuba nje yiNzalo ka-Abrahama. Ukwenza kanjani na? Ngokukholwa eNkosini uJesu Kristu nokugcwaliswa ngoMoya, yilokho-ke, akunambandela.

82 "Ngizofanele ngenzeni ukwenza lokho na?" Lutho kodwa ukukholwa, yilokho kuphela. Kwemukele nje, kubekwe phambi kwakho ngqo, into kuphela ofanele uyenze ngukwelula isandla futhi ukuthole, uthi, "Kungowami, uNkulunkulu unginike khona," bese-ke ungangabazi ngakho, akunandaba ukuthi kwenzekani.

83 Emva kokuba usukhulekelwe, ungaphumi bese uthi, "Awu, angikaze ngizwe lutho." Manje, lapho wena, uma uthola

lokho—lokho kuwe, uma noma yini isho lokho kuwe, uyazi ukuthi ngudeveli, ngoba uphulukisiwe, ngokungenambandela uphulukisiwe.

84 Wena uthi, “Awu, angifanele ukuphulukiswa.” Qhabo, anginjalo nami, akekho omunye onjalo. Kodwa akusikho lokho oyikho, kuyilokho Ayikho. O, he! Ungazibuki, buka uMhlatshelo.

85 Ukuba-ke, emuva eTestamenteni eLidala, noma phansi kwemithetho yomhlatshelo, ukuba-ke umnyuzi omncane ubungazalwa, futhi lowomnyuzi omncane wawuba nezindlebe zawo zehlele phansi, amehlo awo ephambene, amadolo awo eboshelwe ndawonye, umsila wawo uqonde phezulu na? Awu, isidalwa esibukeka kabi kangaka pho!

86 Uma lowomfo omncane ubengaqalaza, ubeyothi, “Awu, abasoze bangondla, angifanele ukondliwa, qhabo, mnumzane, ngoba buka lamadlebe.” Manje, noma yimuphi umnyuzi unamadlebe awo ehlele phansi ngumnyuzi omubi. Amehlo ayizinxemu? Upete? Akukho okuhle nhlobo.

87 Ubeyothi, “Awu, ngi—ngiqagele masinya nje lapho inkosi engiphethe iphuma, ngani, izovele nje ithole imbazo futhi ingishaye ekhanda, ngoba angifanele ukuphakelwa.” Qhabo, awunjalo.

Kodwa ukuba-ke lowomama wawo omdala ubengakhuluma na? Uthi, “Umzuzu onje pho, S’thandwa, kukhona engifuna ukukutshela khona, uyabo. Uzophila.”

“Ngani, Mama?”

88 “Ngoba uyizibulo lami, unobuzibulo. U—umnikazi uzo, umpristi akasoze akubheka ukubona ukuthi ulungile noma qha, kodwa ukuze uphile, kuzofanele kube newundlu elizofanele lingabi nasici, lithathe indawo yakho.”

89 Ungazibuki, buka iWundlu lakho. UNkulunkulu akakwemukeli, Wemukela iWundlu, neWundlu lathatha indawo yakho. O Nkulunkulu! Anikuboni na? Hhayi nina, anifanele, angifanele, akukho namunye wethu ofanele. Kodwa, niyabo, ngabe Ufanelekile na? UNkulunkulu washo njalo, WaMemukela, Wathi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ngaYo; lena yiNdodana yaMi, Yizweni,” ngosuku lokwenziwa untwana, “lo nguYe.”

90 Ungasho ukuthi, “Awu, udokotela uthi angisoze ngaphila.” Yilokho udokotela akushoyo. Manje, umuntu uyindoda yesayense, ubheka indlela imvelo egijima ngayo, futhi uyabona ukuthi awusoze wasinda, lokho ngokwesayense kuyamkhombisa lokho. Awu, yilokho akubukayo, uma ubuka into efanayo, awusoze wasinda. Kodwa ungabheki lokho akusho, ungabheki lokho wena o. . .ukuthi uncipha kanjani, kodwa buka uMhlatshelo wakho. Yilokho-ke.

91 Futhi khumbulani niyiNzalo ka-Abrahama nezindlalifa kanye naye, khona-ke uma unjalo, hlala nesithembiso, Memukele njengoMphulukisi wakho, futhi nje uhlale khona lapho. U-Abrahama wakukholwa, futhi kwamthatha iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ngaphambi kokuba ingane izalwe, kodwa esikhundleni sokuba buthakathaka, nsuku zonke waba namandla, waba namandla ngokwedlulele. Yebo, mnumzane.

92 Ngiyacabanga nje, manje, lokhu, themba akuzwakali kungokuthuka okungcwele, kodwa ungathini nje ikhehla manje na? Wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala ngenkathi uNkulunkulu efika kuye, wahlangana naye, umkakhe, uSara, wayenamashumi ayisithupha-nanhlanu, babengenabantwana, yena owesifazane wayeyinyumba, yena owesilisa wayengazali, ngakho babengenabantwana. Futhi uNkulunkulu wathi, "Abrahama, Ngizokunika umntwana ngomkakho, uSara, Futhi ngaleyoNzalo Ngizosindisa zonke izizwe. Lokho kuyo . . . Uzoba ngu—uzoba nguyise wezizwe eziningi."

93 Manje, ungathini nje ikhehla elidala kangako lehlela kudokotela nomkalo enamashumi ayisithupha-nanhlanu, futhi lilungise indawo esibhedlela ukuba libe nengane na?

94 Niyazi, kapho uthatha uNkulunkulu . . . Uma ngempela uyiNzalo ka-Abrahama, izinto zezwe ziwubuwula kuwe, nezwe, bacabanga ukuthi uyisiwula, ngoba yi—yimihlaba emibili ehlukene.

95 Lapha ngolunye usuku, awu, ngehlobo eledlule unkosikazi nami saya ngale esitolo ukuyothenga okunye—ukudla, ngingena ngiphuma komunye wemikhankaso yami, futhi—futhi ngabona into exakile ezweni lakithi, besiwela siyogrosa, ngase ngibona inenekazi lifake isiketi, ngathi, "Mfana, liyimfashini endala, alinjalo na?" Bonke abanye babo babenqunu okwesishiyagalolunye eshumi. Ngathi . . . Futhi ngi . . .

96 Wathi, "Kukhona engifuna ukukubuza khona, Billy," umkami washo, wathi, "buka, lowo—lowo—lowo wesifazane, lababantu bacula emakhwayeni, futhi baya esontweni," wathi, "yini ebenza benze lokho na?"

97 Ngathi, "Aba—abasibo aba—abasibo abalelizwe." Manje, uya e-Afrika, uthola umoya wesiBhunu; uya eSwitzerland, uthola umoya waseSwiss; hamba uye eJalimane, uthola umoya waseJalimane; uza eMelika, uthole umoya waseMelika, lokho kukude ekubeni nguMoya kaNkulunkulu. Kodwa manje-ke yini eyenza . . . ?

98 Wena uthi, "Bonke laba baseMelika benza kanjalo na?" Ya, lowo ngumoya waseMelika. Kodwa lapho uyiNzalo ka-Abrahama, khona-ke awu—awusesiyo . . . uhlala lapha,

lesi yisizwe sakho, futhi ufanele ubonge ngakho, kodwa ngempela awusuye owaseMelika, ungumKristu, noMoya wakho uvela Phezulu, ngakho kukwenza uziphathe njengoba benza phezulu Lapho, hhayi njengoba benza phansi lapha, ongcwele, ohlanzekile, olungileyo, uthando, ukuhloniphana, uthando lokumesaba uNkulunkulu omunye nomunye, uzalwa Phezulu, yingalesosizathu wenza ngokwehlukile, ngoba uMoya wakho uvela phezulu Lapho.

99 Manje, u-Abrahama wanikwa lesisithembiso, futhi, mhlawumbe, emva kwenyanga yokuqala wathi kuSarah, "Uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

100 "Akabongwe uNkulunkulu, sizoba nengane, noma kanjani. Lunga, hamba uyolanda indwangu emagqabhagqabha, nophini, namabhuzu, nakho konke, sizoba nayo." Akukho phawu lwa, nhlobo.

Walinda ezinye izinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili, "Uthini ngakho, Sara na?"

"Awukho umehluko, S'thandwa."

101 "Udumo kuNkulunkulu, kuzoba yisimangaliso esikhulu kakhulu manje, uma kwenzeke ngenyanga edlule." Niyabo? Ukukulungela. "Gcina opini nje, nakho konke kulele eduze, izofika."

Kwedlula iminyaka eyishumi, "Uzizwa unjani, S'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu, sekuyiminyaka eyishumi ngaphezulu, isimangaliso esikhulu kunanininini! Sizoba nayo, noma kanjani." Waqina, esikhundleni sokuba buthakathaka.

102 Emva kokuba sekwedlue iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, manje useneminyaka eyikhulu ubudala futhi yena unamashumi ayisishiyagalolunye, "Uthini ngakho, Sara na?"

"Akukho kwehluka."

"Haleluya! Sizoba nayo, noma kanjani."

"Kungani wazi na?"

"UNkulunkulu washo njalo."

103 Manje, ungakucabanga lokho ngokuphulukiswa kwakho na? Ungakukholwa lokho ngokuphulukiswa kwakho, nsizwa na? Ungakwenza, Dadewethu na? Ningakwenza laphaya na? Akunandaba ukuthi kwenzekani, uNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula, kukholwe. Lokho ngukukholwa kwangempela, lokho ngabantwana baka-Abrahama. Khumbula, hhayi lokho oyikho, lokho Ayikho; buka uMhlatshelo wakho, njalo.

104 Manje, kuGenesisi 15, ngifisa sengathi ngabe besinesikhathi eside, sihlale kulokho, kodwa asinaso, UGenesisi 15, i—isivumelwano saqiniswa kuye esahlukweni 15. Manje, ngaphambi kokuba lokhu kwenziwe, ngaphambi kokuba isivumelwano siqiniswe, ufanele ungene ngokuphelele ekulaleleni.

105 Manje, u-Abrahama, uNkulunkulu wamtshela ukuba azehlukanise nabantu bakubo. Futhi, namhlanje, esikhundleni sokwehlukana nezwe, sizama ukuthatha izwe lingene kanye nathi, uNkulunkulu ufuna ukwehlukana. Ibandla, namhlanje, lapho uvotela umelusi wakho, u—ufuna ngempela u, ufuna umxubanisi. O, wena uthi, "Umelusi wethu ungumxubanisi omuhle." Awu, akasuye okaNkulunkulu-ke, uNkulunkulu ufuna abahlukanisi. A-hha. Kunjalo, abahlukanisi.

106 Uthi, "O, ungumxubanisi omuhle, uzodlala umdlalo omncane wamakhadi nathi, futhi uzosixoxela amahlaya ambalwa, futhi uzo—uzokwehlela echibini futhi abhukude nathi, futhi athathe zonke izintombi, nabadala, futhi, futhi alale phansi lapho, athole ukuthothombala esikhunjeni, futhi—futhi niyazi, ungumxubanisi omuhle." Ya, ya, udinga ukushukwa kwendodana.

107 Nginamantombazane amabili, angahle akwenze lokho, nawo, angazi, uma enza, impela azothola ukushukwa. Angazi noma kuzoba ngokuvela kulelolanga phezulu *lapho*, kuzovela kuCharles Branham, indodana kababa wami, mina, ngocwecwe lokhuni lombhobho ngamandla ami onke. Bazothola ukushukwa okuhle kahle, kuzobathatha isikhathi eside, bayodla eziko.

108 Manje qaphelani, ngiyanitshela, asifuni—asifuni abaxubanisi, sifuna abahlukanisi, behlukanise, zehlukanise nokungakholwa. Lowo ozulazula naye, futhi uthi, "O, ungasilaleli lesosigejane sabagingqiki abangcwele, akukho lutho kuso," zehlukanise nakho. Yebo, mnumzane.

109 Ungowephathi yesitishi nokuthunga yamanenekazi, uyazi, lapho bethunga isitishi khona futhi bathunge, futhi bathunge futhi bathunge isitishi, futhi bathunge isitishi futhi bathunge, futhi bakhulume ngoNkk. *S'bani-bani*, futhi bathi lapho, bathi, "Awu, manje, ngizokutshela, nga—ngake ngakholelwa kuleyonto yomgingqiki ongcwele, futhi, kodwa . . . " Zahlukanise nalezozinto.

110 Noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu, zahlukanise nakho, ungakhathali ukuthi kuyini. "Phumani phakathi kwabo, ningathinti okungcolileyo kwabo." Lokho ku—lokho kuhle, umqondo ophilile, ukukhuluma kokomoya, ukuqonda. IBhayibheli lasho njalo, "Phumani phakathi kwabo, ningathinti okungcolileyo kwabo, futhi Ngiyakunamukela." Akakwazi ukuletha izwe, Angeke nje akwenze. Qhabo, mnumzane. Lapho

usokiwe, izwe liyanqunywa kuwe, kunjalo, khona-ke uyiNzalo ka-Abrahama.

111 UNkulunkulu usiqondile isithembiso saKhe njengoba Enza ngo-Abrahama, wamsoka. Futhi leyo yinto efanayo okuyiyo lapho uNkulunkulu eqonda ukukholwa kwakho, khona-ke Unqamula izwe kuwe, futhi akunike uMoya oNgcwele, futhi umkholwa ngempela uNkulunkulu khona-ke nganoma yini Ayishoyo, kunjalo. Kuze kube yilesosikhathi, ungozishoyo nje, hhayi umnikazi.

112 Manje, qaphelani ukuthi kwenzekeni, futhi wathi, "Ngiyozazi kanjani lezizinto na?" U-Abrahama wakwenza.

Manje ngifuna nilalelisise ngempela, bazalwane, umzuzu.

113 Wathi, "Ngizokutshela ukuthi ngizokwenza kanjani." Manje, isivumelwano senziwa ngokungenambandela, kodwa Wathi, "Ngizokukhombisa ukuthi ngizokuqinisekisa kanjani kuwe, ukukutshela ukuthi Ngizokwenza kanjani."

114 Futhi wahamba futhi wathola i—isithokazi esineminyaka emithathu ubudala ne—nemvu eneminyaka emithathu ubudala, kanjalonjalo, futhi wakuhlukanisa, futhi wathola ihobhe nejuba, wayeselinda-ke kwaze kwathi ukuba mnyama, wagcina zonke izinyoni zibaleka kuzo, uNkulunkulu wethembisa ukuhlangana naye. Ngakho, ngenkathi enza, wavimba zonke izinyoni, kwaba mnyama, manje qaphelani ukuthi kwenzekani, ubumnyama obukhulu bufika phezu kuka-Abrahama, futhi wawela kokufana nokulala.

115 Manje, yilokho okufanele, manje, kuso sonke isidalwa esingumuntu esizelweyo. Manje, bhekisisani ukuthi Yena, bhekisisani isivumelwano saKhe manje, ukuthi Wasiqinisa kanjani no-Abrahama, lokhu bekufanele kwenze iPresbyterian imemeze. Manje, u . . . Kwaba mnyama, futhi khona-ke kukhona ubumnyama nxazonke kuye, futhi wawela ebuthongweni bokufa, bekungasho njalo. Manje, yilapho wonke owesilisa eyokwenza khona, uyofa, owesilisa, owesifazane, umfana, noma umntwana, ukufa kulele phambi kwakho.

116 Kodwa-ke waqaphela ngaleya kwalokho kwakuyisithando somlilo esishunqayo, lapho sonke isoni, nawo wonke owesilisa, nawo wonke owesifazane, umfana noma intombazane efanele aye khona, esihogweni. Lokho ngukuthi, lokho kwakungukuwa kwethu, yilokho u-Adamu akuqhasela kithi, ukuthi sifanelwe ukuya esihogweni, ngoba sazalelwa esonweni, sabunjwa ebubini, sifika ezweni sikhuluma amanga, ngakho-ke akekho kithi olungileyo, ngakho ngeke sathembela kithina uqobo, sinakho, sincike kuYe.

117 Onecala kokuncane unecala kukho konke, futhi Ubiza ukuphelela. Ngakho ningapheleliswa kanjani na? Awukwazi ukuzibuka bese upheleliswa, kodwa ngabuka Oyedwa ophelele, Lowo owathatha indawo yami, Ungophelele.

118 Futhi manje siyaqaphela, kwase kuthi-ke ngale kwalokho kwahamba okuncane, ukuKhanya okumhlophe, futhi bangena ngqo phakathi kwaleyomihlatshelo. Manje, ukuba besinesikhathi sokukucaza konke, kodwa asinaso, kodwa ngifuna niqaphele ukuthi Wayenzani lapho.

119 Manje, *nasi* isiqephu esincane sephepha, ngifuna ukusisebenzisa leso okwesikhashana. Manje, senzani thina baseMelika lapho senza i—isivumelwano, omunye nomunye na? Sivamise ukuphuma, sikuxoxisane nento enjengale: Besingathi, futhi bengiyothi, njengakuMfowethu Slater, "Mfowethu Slater, ngizokwenza into *ethize-thize*, uma uzokwenza into ethize."

"Yebo, yebo."

"Kulungile. Ngizobuya ngeviki elizayo."

"Ya."

"Kulungile. Ngabe leso isivumelwano na?"

"Ya." Khona-ke siyaxhawulana omunye nomunye. "Kubeke *lapha*, mfana." Leso yisivumelwano, senze isivumelwano.

120 Manje, eJapane lapho benza isivumelwano bayama futhi baxoxe omunye nomunye, futhi uma benza, balobe isivumelwano, futhi benza isivumelwano sabo, niyazi ukuthi benzani na? Baphosa usawoti omunye komunye, niyabo, baphosa usawoti. Usawoti uyisinongo, niyabo, uma uhlangana. Ngakho, baphosa usawoti komunye nomunye, leso yisivumelwano.

121 Kodwa ngesikhathi sika-Abrahama indlela abenza ngayo isivumelwano, bathatha iphepha lesikhumba, noma, ucezu lwe—lwe—lwesikhumba, futhi basiloba phansi lesisivumelwano, basibhala, ukuthi babeyokwenzani, leso yisivumelwano sabo. Futhi khona-ke babulala isilwane, okwakungumhlatshelo, babulala isilwane, futhi bama phakathi kwalabophisi ababili. Futhi kulesisivumelwano bathatha isifungo, bese-ke bedabula *lokhu* kuhlukane, omunye uthatha uphisi owodwa nomunye omunye; awukwazi ukukuphinda. Futhi lapho lesosivumelwano, lapho siqinisekisiwe, noma, sihlanganiswa futhi, uphisi ngamunye walelophepha uzofanele uhlangane okwesisila sejuba ngokuphelele, oyedwa ebambe uphisi owodwa, nomunye ebambe omunye.

122 Manje, wayethini uNkulunkulu na? Ukuthi ngeNzalo ka-Abrahama, okufika u-Isaka, ngo-Isaka kufika uJesu, futhi manje, eKalvari, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wayengu-Emanuweli, uNkulunkulu enathi, kodwa eKalvari, uNkulunkulu waMdabula wamehlukanisa phakathi, WaMdabula wamehlukanisa phakathi, futhi Wavusa umzimba, futhi wawubeka ngakwesokunene saKhe uQobo, futhi wathumela uMoya owawusemzimbeni, emuva phansi phezu kweBandla ukuqhuba imisebenzi Owawenza phakathi lapho, naso isivumelwano esiqinisekisiwe.

123 Ngakho iBandla eliyoba nguMlobokazi kaJesu Kristu liyobhaphathizelwa kulowoMoya ofanayo, nesibonakaliso esifanayo, izimanga ezifanayo, uMoya oNgcwele ofanayo owawuphezu kwaKhe uyoba seBandleni, kuzofanele kufane ncamashi. Ngakho ngenkathi lowoMoya wehla, Wehla ngePhentekoste, phezu kwamakholwa ayikhulu namashumi amabili, futhi Wababhaphathiza eMzimbeni kaKristu. Futhi uMoya oNgcwele ofanayo wawuphezu kukaKristu, wawuphezu kweBandla, Waqhubeka, "Kuseyisikhashana izwe lisaNgibona, kuningi, nokho niyongibona, ngokuba Ngiyoba nani ngisho kini. Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza, eminingi kunalo niyakuyenza, Ngiya kuBaba waMi."

124 Niyabo, uMoya ofanayo utshela iNzalo ka-Abrahama, ukuthi ngenzalo ka-Abrahama kufika uKristu, ukuthi WayezoMdwengula, futhi abeke uMoya kaNkulunkulu phezu kweBandla laKhe, futhi athathe uMhlatshelo aYe nawo eKhaya. Amen! Mfowethu, lokho kwenza udeveli ahambe, lokho kuzombeka endaweni yakhe.

125 Futhi uthi, "O, niyisigejane sabagingqiki abangcwele, anisikho *lokhu*. Wena—wena wenze *lokhu*." Angikhathali ukuthi wenzeni, ngomusa, ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngoMoya oNgcwele, hhayi lokho oyikho, kuyilokho uMhlatshelo wakho oyikho.

126 "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Wethuswa yini na? Wesabani na?

Wena uthi, "Awu, mhlawumbe angilona nje uhlobo olukahle lomKristu."

127 Ungeza kanjani kuNkulunkulu ngaphandle kokuthi uNkulunkulu akubize kuqala na? "Futhi bonke Ayebazi ngaphambili, Ubabizile." Ngabe kunjalo na? "Wonke lowo Ambizile, Umlungisisile." Kunjalo na? "Konke lokho Akulungisisile, Use," vele, inkathi edlule, "khazimulisile." Amen. Kungumsebenzi osuqediwe kusukela ekusekelweni kwezwe. MaKristu, aniboni ukuthi niphila ngaphansi kwelungelo lenu na? Awuzazi ukuthi ungubani.

128 Bengihlala ngithi ngithola izigaba ezimbili zabantu: Esinye sazo yiPentecostal, nesinye esiqavile. Oqavile ngokwendawo eyiyonayona uyazi ukuthi umi kuphi, kodwa akanakukholwa; iPhentekoste inokukholwa, futhi ayazi ukuthi ingubani.

129 Kufana nje nomuntu onemali ebhange, akakwazi ukubhala isheke; omunye angabhala isheke, futhi akanamali ebhange. Uma ungake ubahlanganise ndawonye! Uma ngingake ngithole amaPentecostal ukuba aqonde ukuthi angamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, nezindlalifa zika-Abrahama, khona-ke akukho-develi, noma into engabamba abantu baKhe. UNkulunkulu wakwethembisa. Uma Engesuye uNkulunkulu,

sukani kukho, uma EnguNkulunkulu hlalani nakho. Amen. Waqinisekisa isivumelwano.

130 Ngale kuGenesisi 17 Waqinisa u-Abrahama enzela isimangaliso. Yilokho Akwenzayo manje, qinisa iBandla ngenxa yesimangaliso. Wabonakala kuye kuGenesisi 17 eGameni lika *El Shaddai*. Kusho ukuthi, lapho kuthi, "Nkulunkulu uSomandla," igama lesiHeberu ngu-*El Shaddai*, "Onamandla," noma *Shad* kusho, "ibele," njengebele lowesifazane. Kodwa hhayi nje ukuthi *Shad*, *Shaddai*, kusho ukuthi, "onamabele."

131 U-Abrahama wayeneminyaka eyikhulu ubudala, amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, noNkulunkulu wabonakala kuye, Wathi, "Manje, Abrahama, Ngenza isivumelwano ngokungenambandela, ngenkathi uzehlukanisa, Ngakubusisa, Ngakukhombisa ukuthi ngangizokwenzani. Manje usuneminyaka eyikhulu ubudala, umkakho uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, manje Ngizokutshela, nanti iGama laMi kuwe: NginguNkulunkulu onamabele." O, he! Amabele amabili, Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphulukisiwe thina.

132 Njengengane encane egulayo, i—i—i—impilo yayo ayisekho, futhi ayihlaliseki futhi iyakhala, nomama uthatha ingane encane, bese eyikhuphulela esifubeni sakhe, ayiphakamisele lapho, nengane encane incela amandla kamama kuyo. Yilokho oyikho lapha, uhlezi esihlalweni, mama; yilokho oyikho, nsizwa, uhlezi esihlalweni esinamasondo; yilokho oyikho laphaya nomdlavuza, lapho odokotela bekudela; yilokho oyikho ngenkathazo yenhliziyo, noma ngabe kuyini, niyabo, uyiNzalo ka-Abrahama, futhi Ungu El Shaddai.

133 O, uma unesidingo sezono zakho, ncika kulesisithembiso, ncelisa amandla akho ensindisweni. Uma uhlubukile, buya, ubambe isithembiso, futhi usincelise uze uzizwe ukhula ngokuqina. Uma udinga ukuphulukiswa komzimba wakho, Waye. . .ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe thina. Ncela lelobele lika El Shaddai, lesosithembiso, kuze kuthi amandla akho aqale ukukhula, uqala ukuzwa ukuthi u. . .

134 Futhi akusikho lokho kuphela, kodwa ngumelelisi, ibele lowesifazane lingumenelisi kakhulu enganeni yakhe, nebele likaNkulunkulu elithenjisiwe lingumenelisi ekholweni. Inqobo nje uma uNkulunkulu asho njalo, kwenza mehluko muni na? Lingumenelisi, umnikezeli wamandla. O, he!

135 Akusikho lokho kuphela, kwenelisa ingane, ayisahlaliseki kabi futhi iqhubeke futhi, ayiqinile ngakho konke, kodwa yenelisekile inqobo nje uma inebele likanina (O, mfowethu!), encelisa amandla akhe okuqina, hhayi amandla ayo okuqina, amandla akhe okuqina. "Hhayi intando yami, intando yaKho. Hhayi lokho engikucabangayo, lokho Okushilo." Amen. Lokho

kuyakwenza. Ukwenelisa, umenelisi, ukuncika esifubeni, ukuncela.

136 U-Abrahama wencika ngqo kulesosifuba iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, akazange asidedele. Amen. Umama angayigcina kanjani ingane yakhe—Umama angayigcina kanjani ingane yakhe yanelisekile uma eyidedela kwelakhe—kwelakhe—kwelakhe ibele ngaso sonke isikhathi, incela amandla ayo okuqina na? Ingake iphile kanjani lengane futhi ibe namandla, inqobo nje uma izama nje, yenza sengathi izoncela, bese-ke imuka, ngeke. . . ikwale, futhi na? Yilokho-ke.

137 O, mfowethu, awuboni ukuthi u—umlayezo onjani owawuya endodeni eneminyaka eyikhulu ubudala, ikholwa kuNkulunkulu na? Manje—manje, iBhayibheli lathi esakhe—sakhe, wayesefana nofile njengendoda, nesizalo sikaSara sasifile, ngakho-ke isithembiso esinje pho ukuthi, "Abrahama, amandla akho njengendoda, afile, futhi isizalo sikaSara sifile, futhi nina senibadala, kodwa Ngingonamandla, NgiyiBele. Awungaphezu kwengane, kodwa NgiyiLowo onamabele, Nginikeza isithembiso, Ngingakuqinisa futhi." Amen. O!

"Uzokwenzenjani na?"

"Balungiselele isimangaliso esizokwenzeka."

138 Manje, ngifuna ukuya ngale kuGenesisi isahluko 18 futhi ngikhombise ukuthi Wenzeni. "NgiNgonamabele." Isahluko 18, isahluko esilandelayo, khumbulani wayehlezi phandle phambi komnyango wethende lakhe, wayeneminyaka eyikhulu ubudala ngaleyonkathi, uSara wayenamashumi ayisishiyagalolunye.

139 Manje, esahlezi phandle ekushiseni kosuku cishe ngeleshumi nanye nqo, noma ngeleshumi nambili, izinto zazihamba kabi, wayezothatha indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi, mhlawumbe babengenakho ngisho nokuthunywa, kungasaphathwa ibandla elinesishayisa-omoya. Kodwa babehlezi phandle ngaphansi kwesihlahla sabo, hhayi ngoba wayefanele, kodwa ngoba wayefuna, wayengu-Abrahama, wayengumntwana kaNkulunkulu, wayezehlukanisile nezinto zezwe, futhi wayephilela uNkulunkulu. (Ungakukhohlwa lokho, David.) Qaphela. . . Ungahle ungakuqondi lokho, kodwa lowo engikhulume naye wakuqonda.

140 Behlezi phandle ngaphansi kwesihlahla, futhi babone amadoda amathathu enyuka enothuli ezingutsheni zawo. Futhi qaphelani ukuthi benzani, sakhuluma ngakho ngobunye ubusuku, ayeyiziNgelosi ezintathu, iziNgelosi ezimbili noNkulunkulu qobo lwaKhe, futhi ayesendleleni ebheke eSodoma, ebandleni, ibandla lehlelo ezansi lapho, ezansi enxushunxushwini, abasivivi, abahlubukile, bafanele ukuba njalo, baphambukela ezintweni zezwe, behlela lapho nezwe, ngakho babezobhubha nezwe.

141 Yileyondlela ibandla elizokwenza ngayo namhlanje, izwe elisebandleni lizobhubha kanye nezwe. Labo abahlala esonweni bazobhubha nesono, labo abaphilela uNkulunkulu bayovuka noNkulunkulu. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

142 Manje, leziziNgelosi zihlezi lapho, manje, Wathi, "Abrahama, Ngizokulungiselela okuthize." Manje, Wathuma amanye amadoda amabili, futhi ehlela eSodoma ukuyoshumayela iZwi, njengoba nje umshumayeli wesimanje ubengenza. Futhi, kodwa Lona owasala ngemuva, ngifuna niqaphele isenzo saKhe. Wathi ku-Abrahama, Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

143 Futhi wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, ngizokuvakashela futhi ngikunike lowomntwana manje." Manje, kungani Azibiza qobo lwaKhe, "*Ngi*nguYe owenza isithembiso, *Ngi*nguYe"? Ungakungabaza kanjani kunguNkulunkulu na? "*Nga*kwenzela isithembiso. *Ngi*zokwenza ukuvakasha. *Ngi*zoba nguYe onikeza umntwana." *Ngi*, isabizwana, isabizwana somuntu, *Ngi*. "*Ngi* nguYe owakushoyo. *Ngi*zokuvakashela, ngokwesikhathi sokuphila."

144 Futhi yilokho okwenza uSara ahleke, wathi, "Mina ngineminyaka eyikhulu ubudala, nenkosi yami endala, bekungenzeka kanjani na?" Manje qaphelani, ngifuna ukunitshela ukuthi Wenzeni kubo. O, Wabalungiselela kanjani! Wenza ukulungiselela kwangempela. Ngakho qaphelani, uSara wahleka.

145 Futhi iNgelosi, Ifulathele ithende, yathi, "Uhlekeleni uSara na?" NoSara uyaphuma wayesethi akahlekanga. Futhi iNgelosi yamtshela akushilo, lokho angazange akusho, kodwa lokho akucabanga engqondweni yakhe. Wayenzani na? Wayenza u-Abrahama alungele ukukholwa, ukuba akholwe kuYe ukuba emukele indodana yakhe ethenjisiwe.

146 Wenzeni uNkulunkulu na? Wanibizela ePhentekoste ngomusa waKhe, Waqinisa isivumelwano kini ngokuninika ukusoka, okungenambandela. Futhi manje Wenzani na? UyaZibonakalisa, uNkulunkulu ofanayo kuwe (Niyakubona na?), Ofanayo ngokwazi imicabango yenhliziyo yakho, ukulungiselela ukufika kweNdodana yaKhe ethenjisiwe, uKristu uMsindisi wethu. Ukulungiselela iNdodana ethenjisiwe.

147 Wayelungiselela u-Abrahama indodana ethenjisiwe; manje Ulungiselela iNzalo ka-Abrahama iNdodana ethenjisiwe esiyilindele. O, ngeke yini kwaba yinkazimulo ukuMbona na?

148 Wenzani na? Niyakhumbula, kwaba masinyane emva kwalokho, masinyane nje emva kwalokho kuhanjelwa indodana eyafikayo, iSodoma lashiswa. Ngabe kunjalo, bafundi beBhayibheli na? Kunjalo. Indodana yafika u-Abrahama ayeyilindile, isithembiso.

149 IBandla manje, iNzalo ka-Abrahama, ine, ilindele ukuFika kweNdodana kaNkulunkulu. Futhi manje, Wenzeni na? Ukulethe wedlula kuzozonke lezozinto, njengoba Enza nje ku-Abrahama ngokuqinisekiswa kwesivumelwano, ukunika uMoya oNgcwele, ukukhuluma ngezilimi njengoba uMoya uphumisela, zonke lezizinto ezehlukene njengoba Ethembisa, futhi manje wanikhuphula ngqo futhi wathumela uMoya waKhe phakathi kwenu, eninika ukubona okufihlakele kobuNkulunkulu, ngaphambili nje, ukunilungiselela iNdodana ezayo. Amen. Yisibonakaliso sokugcina iBandla elizosemukela.

150 Bengikhuluma noMfowethu Shakarian kulokhu ukusa, wangibizela enhla, wayesanda kuba seWashington, ukuthi kanjani ukuthi wonke umuntu uqaphile lapho, abazi ukuthi benzeni, nje—nje nganoma yimuphi umzuzu umuntu emi ukuba acindezele into ezothumela izwe ePhakadeni, wonke—wonke umoyampilo i-oksijini, ihayidrojini izohlukana phakathi, izilwandle zizokoma, konke okunye, akuyikubakho lutho ngaphandle kwamalahle ashiywe emhlabeni, kodwa ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, iBandla liya eKhaya.

151 Ngaphambi kokuba kwehle ichashaza elilodwa lemvula, uNowa wayesemkhunjini; uLoti wayengaphandle kweSodoma ngaphambi kokuba Ashise umuzi; iBandla lizoba seNkazimulweni lapho leyobhomu idedelwa. Futhi uma kungahle kudedelwe ngaphambi kokuba ilanga lishone, kulobubusuku, kusondele kangakanani ukuFika kweNdodana na? Ngiyethemba niyaqonda, akusuye umuntu, nguNkulunkulu phakathi kwethu.

152 Njengoba Enza ngezinsuku zaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yoMuntu. Akakaze akwenze kwabeZizwe phambilini kuzo zonke izimpilo zethu, umlando wabeZizwe awukaze ukubone. Hlola ezincwadini nosomlando futhi uthole, neze. Lokhu ngukuKhanya kwakusihlwa, ukuKhanya okufanayo okwakhanya ekuseni, sekuyisikhathi sokuhlwa, futhi Ulungiselela iBandla iNdodana kaNkulunkulu ezayo.

153 Manje, qaphelani futhi, ukwenza lokho Wadingeka amnike amandla amakhulu ngaphambi kokuba emukele lendodana. Manje, nizodingeka ningikholwe kulokhu, noma, uma nifuna. Ngizobeka eceleni umzuzwana nje.

154 IBhayibheli liyiNcwadi yothando. Niyazi, owesifazane onomoya omuhle kunabo bonke emhlabeni wonke kimi nguNkk. Branham, uyisithandwa sami, ngiyamthanda, ngiyamthanda ngempela nje. Manje, akukho-mthetho phakathi kwethu, sikholelwa ngokuphelele kukho, si—siyakholelwa emseni, siyakholelwa othandweni.

155 Manje, lapho ngilungela ukuya phesheya kwezilwandle, angifinyeleli ngale bese ngimthatha, bese ngithi, "He, Nkk.

Branham othandekayo, awusayikuba nabanye abakhwenyane, ungabe usabuka nayiyiphi enye indoda."

156 Akangidumeli ngokhololo, bese ethi, "Futhi, Mfowethu Branham othandekayo, ungabi namanye amakhosikazi." Bekungeke yini kube yikhaya lelo na? Yileyondlela ozama ngayo ukwenza ibandla. Qhabo, asikwenzi. Ngiyamthanda, inqobo nje uma ngimthanda, ngiyohlala ngokwethembeka kuye; inqobo nje uma engithanda, kuzoba ngendlela efanayo, asinakho ukuzihlupha ngalokho, qhabo.

157 Khona-ke siguqa phansi, siyakhuleka, ucela uNkulunkulu ukuba angisize. Uhlala ekhaya ukuba anakekele izingane, ngiyaphuma ngiyosebenzela iNkosi. Kade ngingekho ekhaya kodwa nje kancanyana impela eminyakeni eyishumi nanhlanu. Usephenduke waba mhlophe njengeqhwa, uhlala nje, owesifazane osemusha, ehlala ekhaya, ehlangana nomphakathi, ezama ukwenza ingxenye yakhe. Owesifazane othandekayo ngempela ngumkami.

158 Kodwa manje, ake sithi isibonelo nje, ukuba-ke bengiphesheya kwezilwandle futhi ngaba nesizungu ngempela, nomunye wesifazane osemusha wathi, "Mfowethu Branham, ufuna ukungikhipha ngigibele kulobubusuku, emva kwesonto na?"

159 Bengiyothi, "Nginesizungu kabi kabi, ngikholwa ukuthi ngizokwenza." Awu, kwase kuthi-ke lapho sengiye ekhaya, ngangizodingeka ngimtshele. Manje, ngikholwa ukuthi ubengangithethelela ngalokho, ngiyakholwa, ngikholwa ukuthi ubengangithethelela ngakho. Kodwa, mfowethu, bengiyofela emikhondweni yami ngaphambi kokuba ngikwenze. Ngani na? Ngimthanda kakhulu, ngi—ngiyamthanda. O, bekungangibulala! Angikwazanga ukubhekana naye kukho. Futhi uma ngimthanda kangako umkami, kuthiwani ngeNkosi yami na? UPawulu wathi, "Zonke izinto zingokomthetho, azisizi zonke." Niyabo?

160 Ungibhalela incwadi, "Billy othandekayo, ngihlezi lapha, kulobubusuku, ngisanda kulalisa abantwana. Ngiwashile namhlanje, ngenze *ukuthi-nokuthi*. Ucingo selukhale izikhathi ezingaphezu kwamakhulu amathathu, abantu bayabuza ukuthi ukuphi. Ngicabanga kakhulu ngawe." Yilokho akubhalayo, kodwa, niyazi, ngingayifunda ivaliwe futhi ngazi ukuthi uchaza ukuthini, ngoba ngiyamthanda.

161 Yileyondlela owazi ngayo leNcwadi yothando kaNkulunkulu. Isizathu sokuthi kuxake kakhulu kubantu, anithandani noKristu. Nithi Li—LiyaZiphikisa nakho konke *lokhu*, nje anithandani noMlobi, yilokho kuphela. YiNcwadi yothando.

162 Bhekisisani ukuthi Wenzeni ku-Abrahama, futhi wakwethembisa eNzalweni yakhe, ngaphambi nje kokufika

kwendodana, into elandelayo ukuba yenzeke. Niyazi ukuthi Wenzeni ku-Abrahama noSara na? Wababuyisela emuva ekubeni yinsizwa nentombi.

163 O, wena uthi, "Manje, Mfowethu Branham, lokho kuyinsini." Kulungile, sizothola.

164 Manje, niyaqaphela ukuthi masinya emva kokuba iNgelosi ihlangane naye, yahlangana nabo lapho, bathatha uhambo olude, cishe amamayela angamakhulu amathathu, behlela eGerari. Lokho ngabantu asebekhulile impela ukuba bahambe amamayela angamakhulu amathathu, ubungeke ucabange na?

165 Futhi qaphelani, manje uSara wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, ugogo omncane, efake ikepisi elincanyanyana, itshali elincane phezu kwamahlombe akhe, induku esandleni sakhe; nangu u-Abrahama, obukhulukazi, ubuhwanqa obude bulenga, eqhothe emahlombe akhe, ehamba *kanje*.

166 O, wena uthi, "Manje, awume kancane, Mfowethu Branham. Baphila . . . " O, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo. IBhayibheli lathi base begugile impela, bobabili.

167 Futhi behlela eGerari. Manje, ngifuna ukunikhombisa ukuthi bekungaba ubuwula kanjani ukukukholwa ngendlela abantu abakukholwa ngayo. Futhi ngenkathi befika ezansi lapho, u-Abimeleki wayeyinkosi ezansi lapho ezweni lamaFilisti, futhi wayefuna isithandwa nawo onke lawo amahle, amantombazane amaFilisti, kodwa ngenkathi ebone ugogo eza, wathi, "Yilowo ebengimlindile, lowo nguye, ngimthandile."

168 Manje, kuphike. Wamthanda uSara futhi (Ngabe kunjalo na?), futhi wayefuna ukumthatha abe ngumkakhe, ugogo, iminyaka eyikhulu ubudala. Qhabo, qhabo, mfowethu, qhabo, kwakungesikho lokho, wayeyintombi enhle. Wamphendula waba intombi, u-Abrahama waba yinsizwa.

169 Emva kokuba be—emva kokuba sebebone lesisibonakaliso esikhulu, kwenzekani ngokulandelayo-ke na? Sengiyambona u-Abrahama ethi, "Sara, S'thandwa, leyomibimbi iyaphuma ngaphansi kwamehlo akho amahle." U-Abrahama uthi . . .

170 Uyaphendula, "Abrahama, ubuhwanqa bakho—bakho sebubuyela emuva buba mnyama futhi, namahlombe akho ayaqonda." Niyabona ukuthi kwakuyini na? Babephenduka beba basha.

171 Manje, ngifuna ukunibuza okuthize, uma wayengenanzalo, isizalo sakhe . . . Manje, khumbulani, abesifazane babengabhemi osikilidi ngalezozinsuku, njengoba benza namhlanje. Ngakho namhlanje, lapho owesifazane ebhema osikilidi, izibalo zikhombisa ukuthi ingane yakhe iyafa, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili abo phakathi nezinyanga eziyishumi nesishiyagalombili besuka kushevu wenjimbilili,

bafanele bazikhulise ngebhodlela elinobisi lwenkomazi, zithatha injimbilili. Futhi uma zenza, ziba ngoguliswa yimizwa njengoRicky no-Elvis, naphandle lapha, niyazi, zehla enyuka, abaguliswa yimizwa nje. Yileyondlela impela abenze ngayo. Umntwanyana wakho wethiwe ngalokho, shintsha igama lakhe. Niyabo? Manje, ngokukhuluma ngokomoya, kusho ukuthi "Juda."

172 Ngakho manje, qaphelani, ngenkathi ephandle lapha, futhi babelapho, beqhothile amahlombe. UNkulunkulu wayenze. . . Manje, bukani, uma, ngaphambi kokuba yena. . . abe nalengane. . . Ake nginibuze okuthize. Ngaphambi kokuba abe nalengane, uNkulunkulu wadingeka enze isizalo sakhe sivunde. Ngabe kunjalo na? Futhi Wadingeka enze into efanayo ku-Abrahama.

173 Ngaphambi kokuba abe nalengane, babengenawo amabhodlela ezempilo nezokuhlanzeka, ngakho yena, bona, leyomithambo, imithambo yobisi, yayigoqekile, Wayezodingeka enze imithambo yobisi emisha, niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Futhi ngaphambi kokuba Enze lokho, ubengakwenza kanjani owesifazane, ngithetheleleni, bodadewethu, ngifanele ngenze isitatimende lapha, owesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala wayengaya kanjani ekusikweni ngaleyonhliziyo na? Ubeyobulawa inhliziyo. Owesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala, oneminyaka engamashumi amane ubudala, cishe impela, eya ekusikweni, ukuthi uyafa, nowesifazane oneminyaka eyikhulu ubudala, uNkulunkulu wayezodingeka amnike inhliziyo entsha. Akazange ayipheshe, Wavele nje wamenzela entsha. Amen. O, haleluya! Niyabo?

174 U-Abimeleki wathandana naye, futhi wayezomshada. O, sengiyambona egeza, futhi akhiphe izinyawo zakhe, emva kokuba esesho imikhuleko yakhe, futhi waya kolala, wathi, "Leyontombazane enhle engumHeberu, ngizoyishada, kusasa, ngoba lowo ngumfowabo phandle lapho, ngoba isho njalo."

175 Futhi uNkulunkulu wathi, "Ufana nje nomuntu ofile." Niyabo? "Ufana nje nomuntu ofile." Wathi, "Lowo ngumkamuntu, futhi Ngingeke ngiyizwe nhlobo imikhuleko yakho."

Wathi, "Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami, ngiyindoda yobungcwele." Wathi, "Uyabazi ubuqotho benhliziyo yami."

176 Wathi, "Ngiyakwazi, kodwa umyeni wakhe ungumprofethi waMi. Manje, hamba ubuyisele umkakhe, futhi umvumele akukhulekele, Ngizomuzwa, kodwa Ngeke ngikuzwe wena." O, mfowethu! Yeka ukuzibusa kukaNkulunkulu! Ukuthi Ukanjani. . . Uyabazi abaKhe uQobo.

177 INzalo ka-Abrahama. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani na? IBandla, uNkulunkulu. Iziphiwo ziza kuphi na? EBandleni leNzalo ka-Abrahama. Kubukeni namhlanje, kukuphi na? Ziphi

leziziphiwo zokukhuluma ngezilimi, nazo zonke lezi ezinye iziphiwo na? Zikuphi na? Phakathi kweNzalo ka-Abrahama. Niyabo? Kunjalo. Wakuqonda.

178 O, wena uthi, "Benze izinto eziningi ezimbi." Wayenjalo no-Abrahama, wabiza umkakhe ngodadewabo. Indoda ukuba yenze lokho! Niyabo? Ya. Into ukuthi, akunandaba ukuthi benzeni, abazibuki bona uqobo, babuka uMhlatshelo wabo. Niyabo? Impela.

179 Manje qaphelani, masinya emva kwalokho umfana omncane wazalwa. UNkulunkulu wayekhombisa ini na? Isibonakaliso sakhe sokuthi indodana yayiza. Manje-ke kwakuyini into elandelayo Ayenza na? Wabafaka esimweni sokwemukela indodana.

180 "Thina esisekhona sisasele kuze kube sekuFikeni kweNkosi asiyikubandulela abaleleyo. Ngokuba icilongo liyakukhala nabafileyo kuKristu bayakuvuka. Siyoguqulwa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, futhi sihlwithwe ukuze sihlangane ndawonye ukuhlangabeza iNkosi emoyeni, futhi sibe neNkosi njalonjalo," leyoNdodana enkulu ezayo.

181 NiyaMbona elungiselela iBandla laKhe na? Wenzani na? Ubakhombisa isibonakaliso saKhe sokugcina. Into elandelayo iyini na? UHlwitho, uHlwitho! INdodana iyavela futhi siyaguqulwa, ngeke sahamba ukuyoYihlangabeza emoyeni, Iphakeme kakhulu kithi, kodwa siyoguqulwa njengo-Abrahama, ubaba, wayenjalo, ngesikhashanyana ngokuphazima kweso, futhi sihlwithwe ndawonye ukuMhlangabeza emoyeni. Lokhu okufayo kuyakwembatha ukungafi, lokhu kubola kuyakwembatha ukungaboli. O Nkulunkulu, ihora elinje pho phambi kwethu! Ibifanele ijabule kanjani iNzalo ka-Abrahama!

O, lesosikhathi sifikaphi na? Futhi angikaqali namanje, ngineminye imiBhalo eyisishiyagalombili noma eyishumi lapha ukuba ngithathisele kuyo, kodwa sizofanele sikuyeke kuhambe.

182 Khumbulani, niyakulandela manje na? Niyabona ukuthi uNkulunkulu wazenza kanjani lezozivumelwano, lezozithembiso, nalezozibonakaliso eNzalweni ka-Abrahama na? Manje, sayaphi lesosiphiwo sokubona okufihlakele na? Ngabe sehlela eSodoma na? Qhabo, mnumzane. Phakathi kwamabandla amahlelo na? Qhabo, mnumzane. Kuza eBandleni elikhethiwe. BabeneVangeli lishunyayelwa, iziNgelosi ezimbili zehlela lapho futhi zashumayela. Kodwa Lona owahlala ngemuva kwabaKhethiweyo, iBandla elibizelwe ngaphandle, ethatha abambalwa abadelelekile beNkosi. Futhi uJesu, qobo lwaKhe, iNdodana kaNkulunkulu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

183 Niyangizwa na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakukholwa na? Thanini, "Amen."

[“Amen.”] Yini into elandelayo esiyibhekile na? UHlwitho, siyoMhlangabeza, iNdodana ezayo. Sizodingeka siguqulwe futhi sihlwithwe, ungeke umhlwithwe ngendlela oyiyo manje, usinda kakhulu. O, kodwa, mfowethu, ngolunye usuku lokhu okufayo kuyothatha ukungafi, futhi siyoba nomzimba ofana nomzimba waKhe uQobo okhazimulayo, ngokuba siyakuMbona njengoba Enjalo.

184 O, wena Nzalo ka-Abrahama, bambelela esithembisweni sakho, S’thandwa. Hlala nakho, ungavumeli-muntu akuphange kulokho. Uma uye wazulazula waphumela ezweni, futhi nina besifazane uzofanele uziphathe njengezwe, nani madoda nifanele nibavumele bakwenze, ngiyanidabukela! Ufanele ukuba ngubasi wendlu, ungumbusi, iBhayibheli lathi indoda iyobusa, hhayi undlovu kayiphikiswa manje, umata waphansi, Wayenza umsizi, niyabo, isithandwa.

185 Futhi kanjani, lezizinto, ungakwenza kanjani na? Buya, ungeke na? Ungengithembise, namhlanje, uzobuyela kuNkulunkulu na? Ngifanele ngihlangane nawe ngesinye isikhathi, ngifanele ngihlale lapho. Ngethemba ukuthi Uzongivumela ngalolosuku, ngi—ngizama ukuMkhonza ngayo yonke inhliziyo yami.

186 Angifuni ukunilimaza. Awu, umnikelo wakho owunikela namhlanje, uzosiza ukondla abantwana bami, uzongenzela izinto. Ngingakulimaza kanjani na? Ngi—ngiyoba ngumzenzisi ophansi mba ukwenza lokho. Kodwa yizwani okwami—yizwani okwami—ukushumayela kwami enginitshela ngakho, niyabo. Yizwani iZwi leNkosi. Buyelani kuNkulunkulu ngokukhulu ukushesha, S’thandwa, gijima ubuyele emuva ngokukhulu ukushesha, uthi, “Nkosi, ngi—ngi—ngi—ngizulazule kude kuWe, ngiza ekhaya manje, Nkosi. Ngi—ngizokuyeka konke kuhambe, ngi—ngifuna ukuba yindodakazi yeNkosi; Ngifuna ukuba yindodana yeNkosi, ngifuna ukuma ngilungile. Angikhathali ukuthi bonke abanye bathini. Ngi . . . ”

187 Kuyindaba yomuntu ngamunye, Akazukuthatha, Akazukuthatha nje iFoursquare kuphela, noma Akazukuthatha nje i-Assemblies kuphela, noma i-Oneness kuphela, iTwoness, noma iThreeness, noma i, kanjalonjalo, Uzofaka iqiniso enhliziyweni kubo bonke. Niyabo? Ngakho kungesilo ibandla lakho, noma inhlangano, kuyindaba yomuntu ngamunye, ngakho funani uNkulunkulu, buyelani kuYe. Yebo.

188 Uyosabalalisa ukuKhanya kwabanye babo bonke, mhlawumbe bayothatha umcabango ukukwenza. Sabalalisa ukuKhanya kwakho, yilokho esifanele sikwenze. Awufuni balahleke, uma ufuna, kukhona okungalungile enhliziyweni yakho. UJesu wafa ukuze thina, isitha saKhe, sisindiswe, impela.

189 Manje, sivala manje, ngaphambi kokuba si . . . Bhekisisani, masinya emva kokuba lowomfanyana eseneminyaka eyishumi

nambili ubudala . . . Manje, sizo—sizovala futhi siqale umugqa womkhuleko, lalelani lokhu nje manje, ngokusondele ngempela. Ngenkathi lowomfana omncane eba cishe neminyaka eyishumi nambili ubudala, uNkulunkulu wathi, "Ngizobakhombisa ezansi eVisalia, ukuthi Ngiyasigcina ngempela isithembiso saMi, ngoba Ngafunga ukuthi Ngiyosigcina ngaMi uqobo." Wafunga kukho, hhayi kukho, kuphela ku-Abrahama, kodwa eNzalweni ka-Abrahama emva kwakhe, Wafunga ku, ngawe, ngokufanayo nje njengoba Enza ngo-Abrahama, ekhombisa isivumelwano, sino-Abrahama neNzalo yakhe.

190 Wathi, "Ngizobakhombisa ukuthi Ngifuna babambe iZwi laMi. Ngolunye usuku Ngiyoba nenceku egama linguWilliam Branham, iyobe ishumayela ezansi lapho, futhi iyoba nesigejane sabafo abagulayo phambi kwayo, futhi Ngi . . . iyoba khona impela esikhathini sokuphela, ngakho Ngizobe ngenza lezo uhlobo lwezibonakaliso, ngakho Ngifuna ukubakhombisa ukuba babambelele eZwini, ngoba ukuba Kwangesilo iZwi, beNgingeke ngiLiqinise. Kodwa seNgivele ngibaphulukisile, futhi bafanele benze okuthize, aNgikwazi nje ukuthatha, ngikuthulule kubo, bazofanele beze bazitholele bona." Manje, niyakuzwa lokho nonke na?

191 Manje, Wathi, "Abrahama, ukukwenza kuqiniseke ngokuphindwe kabili, Ngifuna uthathe lowomfana ukhuphukele lapha esiqongweni sentaba eNgizokukhombisa yona, futhi Ngifuna umbulale phezulu lapho, Ngizokwenza uyise wezizwe ngaye. Enzalweni yakhe Ngizovusa leyoMbewu yaPhakade, futhi Ngi—Ngi—Ngizokwenza ubaba wezizwe, kodwa mthathe ukhuphukele entabeni futhi umbulale."

192 Uzokwenza kanjani . . . ? Usevele ungaphezu kweminyaka eyikhulu neshumi nanhlanu ubudala manje. Uzoyithatha kanjani indodana yakhe akhuphukele egqumeni futhi ayibulale, abhubhise ukuphela kwethemba ayenalo na? Kodwa manje, ngifuna . . . Qaphelani, wathatha inceku, akakwazanga ukutshela umama, lokho bekungaba kubi kakhulu, atshele lowo omuhle, umama wakhe omncane, uzokhipha lowomfana futhi ambulale.

193 Ngakho wavele nje wanquma izinkuni, wayesezifaka esakeni, futhi—futhi wazibeka emhlane womnyuzi, wase ethatha izinceku ezimbili, wahamba uhambo lwezinsuku ezintathu. Manje, abantu babengenazo izinyawo zikapetroli ngalolosuku. Babekwazi ukuhamba . . . Mina, ngenkathi ngiqapha, ngangihamba amamayela angamashumi amathathu ngosuku iminyaka eyisikhombisa, futhi ngi—ngi . . . lokho akusikho ukuhamba kahle kakhulu. Noma iyiphi indoda elungileyo yayikwazi ukuhamba, okungenani insizwa njengoba yayinjalo ngaleyonkathi, yayikwazi, sithi, amamayela angamashumi amabili nanhlanu ngosuku, ngakho lokho kwakungamamayela angamashumi ayisikhombisa nanhlanu

emuva ukusuka empucukweni, khona-ke waphakamisa ikhanda lakhe futhi wabona i, amehlo akhe njalo, futhi wabona intaba ikude.

194 Waya kulentaba, ngenkathi efika lapho, wathi, bhekisisani lokhu, ngikuGenesisi 22 manje, sengivala, wathi ezincekwini ezazinomnyuzi, wathi, "Hlalani lapha, ngenkathi mina nomfana siyahamba siyokhonza ngaleya, umfana nami sizobuya." Kanjani na? Ubuya kanjani na? Umyisa phezulu lapho ukuba umbulale.

195 U-Abrahama, kamuva ngenkathi incwadi yokuhlaziya yobuNkulunkulu ibhalwa ngaye, akazange angabaze ezithembisweni zikaNkulunkulu. Qhabo, qhabo. Wayazi ukuthi wayememukele njengovela kwabafileyo, wayesethi akalungele ukufa, eneminyaka eyikhulu ubudala, futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukumvusa kwabafileyo.

196 Wathi, "Mina nomfana sizobuya." Futhi wabeka izinkuni emhlane ka-Isaka. Umfanekiso ophelele kanje kaKristu nezinkuni zaKhe uQobo emhlane waKhe, i-altare! Waya phezulu entabeni, bakhuphukela lapho, base belungisa i-altare, futhi baphuma bangena okhuleni nezinti futhi bathatha amadwala base bewandlala, wabeka umlilo phezulu lapho, no-Abrahama wayenomlilo esandleni sakhe, wokhela i—wokhela i-altare ngomlilo.

197 Futhi u-Isaka omncane waba nokusola, wathi, "Baba," wathi, "nanti i-altare, nazi izinkuni, nanku umlilo, kodwa liphi iwundlu lomhlatshelo na?"

198 Lalelani lokhu, bazalwane, makwehlele phansi le ekujuleni enhliziyweni yenu, u-Abrahama wambuka wayesethi, "UNkulunkulu uzoZibonela iwundlu." O, he! Kanjani na? Kanjani na? Lokho kukuNkulunkulu. Baphezulu le esiqongweni salentaba. Wathi, "Isaka, fulathela, S'thandwa," wabopha izandla zakhe.

199 Futhi bhekisisani u-Isaka, engakhahleli futhi empongoloza, kodwa wazinikela ekufeni njengoba uNkulunkulu, iNzalo ka-Abrahama yeqiniso yenza, evuma ukuthatha indawo yethu, wayenezandla zakhe ziboshwe nguyise uqobo, wabopha izinyawo zakhe, wambeka phezulu e-altare.

200 Ungathini nje manje, inhliziyo ka-Abrahama na? Umfana wakhe omncane onomoya omuhle, wathatha lezozinwele ezisongekile ezincane, ezincane, zobuJuda, izinwele ezimnyama, wayeseziphushela emuva emehlweni akhe *kanjalo*, futhi wacabanga, "Angazi ukuthi uMama uzocabangani manje na?" Waziphosa emuva, qhabo, wayengenakukucabanga lokho, wayecabanga ngalokho uBaba akucabangayo. Wahosha ummese, wabuyisela ikhanda lakhe elincane emuva *kanje*, lendodana yakhe uqobo, izandla zakhe ziqhaqhazela, inhliziyo yakhe emlonyeni wakhe cishe impela, waphakamisa isandla

sakhe, ukulalela uNkulunkulu ukuthatha impilo yendodana yakhe uqobo.

201 Futhi lapho eselungele ukwehlisa ukushaya kwakhe, uMoya oNgcwele wabamba isandla sakhe, wathi, "Bamba isandla sakho, Abrahama, seNgiyazi manje ukuthi uyaNgikholwa."

202 Futhi cishe ngalesosikhathi, u-Abrahama wezwa into ethize, futhi emuva ngqo emva kwakhe kwakuyinqama, hhayi imvu, inqama, imvu yeduna ebanjwe ngezimpondo zayo okhuleni. Yayikade ingekho lapho emizuzwini embalwa edlule. Yayenzani phezulu lapho na? Iqhele ngamamayela ayikhulu empucukweni, kukhona amabhubesi, izimpungushe, nakho konke okunye, izimpisi, ebezingayidla. Futhi enye into, iphezulu esiqongweni sentaba lapho okungekho-manzi khona. Yafika kanjani lapho na? UJehova-jira, iNkosi yaZihlinzekela umhlatshelo. Lowo kwakunguKristu.

203 Manje, kwakungesiwo umbono, kwakungesiwo umbono, umbono awophi. U-Abrahama wathatha inqama, wayibeka phezu kwe-altare, wayinquma umphimbo wayo, igazi laphuma kuyo, esikhundleni sendodana yakhe. Hhayi umbono, kwakuyinqama. Ngani na? Uyakwazi ukudala, AngaZihlinzekela umhlatshelo.

204 Uzosinda kanjani, ndodana na? Udlule usizo lukadokotela. Uzosinda kanjani, uhlezi lapho, mama omncane, uqhaqhazela kanjalo na? Uzosinda kanjani laphaya, ndodana, ulele lapho kulokho, ukhubazekile na? Uzosinda kanjani, uhlezi lapha na? Uzokwenza kanjani na? Lokho akusikho okwakho ukuba ucabange ngakho, UnguJehova-jira, kodwa ngaphandle kwalokho, Usevele ukuhlinzekele iWundlu lokwakho . . . Selivele! UJesu uhlinzekiwe, futhi Usevele ukwenzile ukuphulukisa, into kuphela ofanele uyenze ngukukwemukela, ukukholwe. Uyakwenza lokho na? O, he!

205 Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Sisathula phambi kukaNkulunkulu, ngifuna nikhuleke. Bangaki phakathi lapha ofuna ukwemukela lowoMhlatshelo kaNkulunkulu ohlinzekiwe na? Phakamisani izandla zenu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. O, he, kuyo yonke indlu.

206 Baba wethu waseZulwini, bayalikholwa iZwi. Kanjani . . .? Basiphakamiseleni isandla sabo na? Ngoba bayazi ukuthi Uyaligcina iZwi laKho. Bebengeke bakwenze lokho, ngaphandle uma Ububatshele ukuba bakwenze, futhi bebelalele, njengoba nje u-Isaka wayenjalo, elungele ukufa ekuzicabangeleni, elungele ukufa kulokho udokotela angahle akusho, kumbe noma yini enye. Bangabantwana baka-Abrahama, bayakholwa, bazelwe ngokusha, ba, babhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, futhi, bayaKukholwa. Izoni ziphakamise izandla zazo ukuthi zifuna ukuba ngumntwana waKho futhi, bemukele, Nkosi. BangabaKho.

207 Lonke leliviki, Nkosi, lena yizintshumayelo ezinhlanu ezilandelanayo ezisikayo kulelihora manje, masinya lilapha, sesifikile. Kufanele kwenzeke okuthile, Nkosi, iZwi laKho liphumile, izibonakaliso zaKho ziphumile, Uliqinisile iZwi laKho, manje sekukubantu. Nkosi, lapho bedlula kulomugqa futhi bakhulekelwe, kwangathi bangaba nokukholwa, kwangathi bangasuka kulomsamo nje bedumisa uNkulunkulu, “Uma kwenzeka, akabongwe uNkulunkulu! Uma kungenzeki, kuzokwenzeka noma kanjani, Washo njalo. UnguNkulunkulu owenza izithembiso, esakhiweni, namhlanje.” Siphe khona, Baba. Ngiyakucela, eGameni likaJesu, yipha ngamunye walaba okweNkazimulo yaKho, kwangathi kungaba njalo, Nkosi. Amen.

208 Kulungile. Sinabantu cishe abangamakhulu amathathu noma amane abazokhulekelwa. Bangaki okholwayo ukuthi amazwi okugcina aphuma emlonyeni kaJesu ngenkathi Eshiya umhlaba, amazwi okugcina Awenza, Washo lokhu: “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda”? Ngabe Wakusho na? Manje, Wakwethembisa lokho.

209 Ngabe zikhona izihambi lapha, ongakaze abe komunye wemihlangano na? Phakamisani izandla zenu, eningakaze nibe kowodwa wayo ngaphambilini, phakamisa isandla sakho. Kukhona abambalwa impela. Ungahle uthi kimi-ke, “Mfowethu Branham, ukhulume kithi ngeNgelosi eyoba lapha ngezinsuku zokugcina, eyobe ihlala enyameni yomuntu, bekuyoba nguNkulunkulu ehlala enyameni yomuntu. Angazi lutho ngalezizinto, kodwa uthe ziyobakhona. Angikaze ngiMbone enza lokho njengoba Enza ezansi lapho ukukhombisa ukuthi sasiseSodoma.”

Bangaki ogulayo phandle lapho, ongangazi na? Phakamisani izandla zenu, nibe nesidingo. Phakamisa isandla sakho, angikhathali ukuthi ukuphi. Zithobeni ngempela.

210 Ngaphambi nje kokuba sibize umugqa womkhuleko, emgqeni womkhuleko angeke sibe nokubona okufihlakele, ngoba singeke, sinamakhulu amathathu noma amane ukuba edlule lapha, ngizobakhulekela, kodwa ngingabi nokubona okufihlakele. Sizoba nomugqa wokubona okufihlakele manje, kinina ophandle lapho ezethamelini.

211 Angiwazi umphefumulo phandle lapho. Nginomfowethu *lapha* ogama linguFred Sothmann; nginoyedwa obizwa ngoMfowethu Tom; nginoyedwa, uMfowethu Evans, baphandle lapho, ndawondawo. Ukuphi na? Nikhona enkonzweni namhlanje, bazalwane na? Baphi...? Emuva le ngemuva, ya, emuva le lapho. Yilokho kuphela engikwaziyo.

212 Bangaki kini madoda emuva lapho, nina befundisi ongakaze abe nethuba lalokhu na? Angikwazi, Ngi—ngi—ngihlangane

nawe laphaya, kodwa lokho, angazi lutho ngawe, akukho zifo, noma lutho. Kunjalo.

Manje, nakho, uthi, "Mfowethu Branham, akusilo yini uhlobo lwento enesibindi na?" Ya, kodwa Wakwethembisa, yebo, mnumzane, Wakwethembisa.

213 Manje, ake sibone uma uMoya oNgcwele, uma Ezokwenza kanye futhi, ngaphambi kokuba nedlule kulomugqa womkhuleko, ngakho uzobona ukuthi ugcobo lulapha, ngabe kuzolunga kuwe na? Kwangathi uNkulunkulu angasipha khona. Ngizozama nje ukubona ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenza yini.

214 Ngifuna, ukufulathela isigaba ngasinye, yonke indlela ngakimi, esizophuma esigabeni ngasinye. Ngifuna ukunibuza umbuzo: Niyakholwa ukuthi leyoNgelosi yeNkosi ikhulume iqiniso, ngiyakwazi ukwenza lokhu ngoMoya kaNkulunkulu na? Kulungile. Lesi sigaba ngalendlela, sizobe-ke sesihamba ngalendlela, bese kuthi-ke ngalendlela, nangapha ngapha. Niyabo? Khulekani nje manje, futhi nibone . . .

215 Manje, kwakuyini leyoNgelosi na? Ukuthi, KwakunguNkulunkulu, u-Abrahama wathi Wayengu-*Elohim*.

216 Manje, khulekani nje ngale kulesisigaba, nithi, "Nkosi, indoda ayingazi, ayazi lutho ngami." Bangaki kulesisigaba sonke lapha owaziyo ukuthi angikwazi, kodwa nokho uyagula futhi uyadinga na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Ngizofulathela. Khulekani.

217 Manje, Baba waseZulwini, lokhu akusikho, lokhu akusiwo umbukiso, lokhu akusikho ukwenza umbukiso, kodwa lokhu kungokokugcwalisa isithembiso saKho, Uyayazi inhliziyo yami, Uyayazi impokophelo yami, futhi Uyayazi injongo yami ekukwenzeni, ngiyawazi umusa waKho ngokungivumela ngikwenze. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzokuvumela kwenziwe futhi, ukuze abantu bazi ukuthi ngibatshele iqiniso, iNzalo ka-Abrahama iyizindlalifa kanye naye zazo zonke izithembiso. Siphe khona ngeGama likaJesu, futhi lonke udumo luyoba olwaKho, Nkosi.

218 Ngibatshelile abantu ngokusobala, futhi bayazi ukuthi ngingomunye nje wezinceku zaKho ezithobeke kunazo zonke, akukho-mfundo, akukho khono lanoma yiluphi uhlobo, kodwa Wehla nje ngenkathi ngiseyingane yomfana encane, futhi, lapho embhedeni wengane, *ngandlela-thize enye* Uvele ungiphe isipho esincane engingaziphumuza kuso, futhi Wena ubungakhuluma. O Nkulunkulu, makube njalo. Ngisize, Nkosi.

219 Ngithethelele ngamaphutha ami, amaphutha empilweni ngingumuntu, kodwa buka impokophelo enhliziyweni yami nenhloso. Futhi ngikhulekela ukuthi kuyintando yaKho, kulentambama, ukukubonakalisa futhi phambi kwethu. NgeGama likaJesu, ngizoKudumisa, futhi sonke sizoKudumisa.

220 Lapho abantu bedlula emgqeni, bayomazi yena impela uNkulunkulu owazi inhliziyo yabo owazi isimo sabo, khona-ke, Nkosi, kwangathi kungebebikho isihlalo esinamasondo, kodwa esizobe singenalutho; kwangathi kungebebikho uhlaka kodwa oluyobe lungenalutho; kwangathi kungebebikho-muntu ogulayo phakathi kwethu, kodwa okunakho, mhlawumbe bangahle bangaphili nhlobo ngaleyonkathi, kodwa njengo-Abrahama, banesithembiso, bazobambelela kuso, futhi Uzosiqinisa, Nkosi, Uyakwenza njalo, ngokuba UnguNkulunkulu. EGameni likaJesu, ngiyakucela. Amen.

221 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, okwenkazimulo kaNkulunkulu, ngokusebenza koMoya waKhe.

222 Kukhona amandla amabi emva kwami, amnyama, asabekayo, yisithuthwane, aphezu kowesifazane, unesithuthwane. Igama lakhe nguNkk. Camel. Sukuma, yemukela ukuphulukiswa kwakho, kholwa eNkosini uJesu Kristu, futhi uphiliswe.

Uyakholwa manje na?

223 Kukhona owesifazane ohlezi khona lapha eduze kwami, futhi u—uphethwe yi, uhlobo oluthile lwenkathazo yezinso, futhi ngamatshe ezinsweni. Futhi ukhulekela umuntu othize manje, ngu—ngumyeni wakhe, futhi unesimo sengqondo. Igama lakhe nguNkk. Lenz. Sukuma, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho.

224 Uyakholwa manje na? Yiba nokukholwa. Uyakholwa ukuthi yiNgelosi efanayo yeNkosi na? Manje, kuthiwani phansi kwedlule lapha na? Ngabe ukhona ogulayo ezansi lapha na? Phakamisani izandla zenu.

225 Kukhona owesifazane emva kwami ngqo, ngowesifazane, futhi unethumba, lisemaphashini akhe. Igama lakhe nguNkk. Spangler. Sukuma, Nkk. Spangler, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho.

Manje niyakholwa na? Angibazi lababantu, angikaze ngibabone.

226 Kambe, manje bukani ngapha, bukani ngapha manje, Nkk. Spangler, ngenzele umusa, beka isandla sakho phezu kwenenekazi eliseduze kwakho lapho, linenkathazo yezinso futhi lifuna ukuphulukiswa. Kunjalo. Manje, beka isandla sakho kulowo oseduze kwakho, unenkathazo yezinso futhi ufuna ukuphulukiswa. Manje, beka isandla sakho kowesifazane phambi kwakho, lowo wesifazane ogqoke ijezi elibomvu lapho, ekhulekela umyeni wakhe. Uzofanele aye esibhedlela ngenxa yokuwohloka komzimba wakhe, ukhulekela umyeni wakhe. Uyakholwa na? Khona-ke uzophulukiswa. Amen.

Niyakholwa ngezinhliziyo zenu zonke na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. "Uma ukholwa!" Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

227 Emuva kulesisigaba ngibona inenekazi eliselincane, likhulekela insindiso kayise. Kukholwe, nenekazi eliselincane, uzokwemukela. Ungakhali izinyembezi, kholwa nje.

228 Kukhona elinye inenekazi eliza phambi kwami, lingemuva ngemuva kwami, linenkathazo yesibindi. Kukhona amabili noma amathathu lapho. Ngi—ngiyakuzwa, kodwa ngibona elilodwa, igama lalo nguNkk. Watham. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho.

229 Kukhona inenekazi emva kwami lidlala i-ogani, linokuthile okungalungile emhlane walo. Kukhona umfundisi ngemuva, onenkathazo yeqolo, futhi. Ungangabazi. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

Nakho lapho okhona. UyaMkholwa na?

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba . . .

Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho manje.

> . . . thanda kuqala . . .

230 Uzokukholwa ezansi lapha na? Ngamunye wenu ezansi lapha kulemibhede eyizinhlaka, nizokukholwa na? Uzokukholwa phandle lapho na? Bangaki owaziyo ukuthi iNgelosi efanayo kaNkulunkulu ilapha, namhlanje na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakukholwa." Niyabona ukuthi Uqinise kanjani, Ungowangempela kanjani na?

231 Manje bangaki okholwayo uma ubungedlula kulomugqa womkhuleko, izandla zizobekwa phezu kwakho, uphiliswe na? Bangaki onokukholwa kumelusi wakho, okholwa ukuthi uyindoda kaNkulunkulu na? Phakamisani izandla zenu. Ngizophakamisa izandla zami, nami, ngikholwa ukuthi unjalo, futhi. Manje, ngizomcela: Phumelani lapha futhi ningisize, ngamunye wenu. Wozani khona lapha emsamo. Ake sakhe umugqa womkhuleko lapha; ngena ngapha, ingxenye yakho, abanye benu ngakolunye uhlangothi.

Bonke abanekhadi lomkhuleko elingunombolo A, sukumani nize ngapha, ngakuloluhlangothi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] A.

> Emthini waseKalvari.

232 Manje, ngifuna wonke umuntu ukhothamise ikhanda lakho, wonke umuntu usemkhulekweni, ngenkathi nisacula elithi *Ng'yaMthanda*, ngifuna ukwehla futhi ngikhulekele ikakhulukazi laba osemibhedeni eyizinhlaka nezinhlaka phansi lapha, lowo ototobayo. Ngifuna nikhuleke kanye nami, nonke nina bazalwane. Ngizobuyela emsamo emzuzwini nje. Lonke

ibandla alikhuleke ngenkathi ngehla. INzalo ka-Abrahama i . . . Senikulungele ukwemukela ukuphulukiswa kwenu na?

233 [UMfowethu Billy Paul ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] (Abekho bonke phandle lapho na?) [UMfowethu Billy Paul uyaphendula.] (Awu, ngicabange ukuthi mhlawumbe bazoba . . . Awu . . . ) [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

234 . . . ? . . . ukusigcoba kakhulu ngangokuthi mhlawumbe ngeke sazi ukuthi sikuphi. Ngifuna nikhumbule ukuthi ngiyanithanda. "Usale kahle," kuwe. UNkulunkulu akubusise. Ngethemba ukunibona futhi khona manje. Ngize ngikwenze, njalo ulandele indlela eya kuYe ogcina inyanga ikhanya ebusuku, izinkanyezi zikhanya, ukwenza ukuhamba kube kuhle. Ungikhumbule lapho ukhuluma naYe, Mtshele ukuthi ngiyaMthanda. Ngifuna ukunibona Laphaya.

Kulungile. Ngabe umugqa wakho womkhuleko usulungele na? Wonke umuntu khothamisa ikhanda lakho manje, futhi ucule, *Ng'yaMthanda*, ngenkathi umugqa wedlula.

235 Baba, Nkulunkulu, bayeza. E . . .

236 Nonke nina befundisi sukumani lapho futhi nibeke izandla phezu kwabo manje, sukumani lapho, ngifuna nime lapho futhi nibeke izandla phezu kwalababantu manje, njengoba bedlula, wozani ngqo.

237 O Baba . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Angikaze ngiwubone umhlangano onjengalona, angikaze ngiwubone empilweni yami. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . . impilo yami. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . impilo yami. Angikaze ngizwe ukukholwa okungaka emgqeni owodwa womkhuleko empilweni yami. Kunjalo. O, yilokho ebesikulindele.

238 Wena udlula manje, woza ngokuMdumisa, woza ngokuMkholwa. Yileyondlela yokwenza, woza, ukukholwa. Lapho udlula lapha, hhayi ngomuntu, wedlula . . . Futhi uzokwazi ukuthi umelusi wakho une . . . ? . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

239 . . . ? . . . shayela ulayini osheshayo. Futhi konke lokho engake ngedlula kukho, angikholwa ukuthi umhlangano owodwa engake ngezwa ukukholwa okungaka njengalokho obekukhona lapha kulomugqa. Ngiqiniseke impela nje njengoba ngimi kulomsamo, nizobona, nina bazalwane, phakathi kwalababantu kukhona okwenzekayo. Kube ngokukhulu . . .

240 Niyazi ukuthi kungani na? Yingenxa yokuthi abelusi bayakholwa; bayizinceku zikaNkulunkulu. Isizathu ngibe nalamadoda ukuba eze lapha futhi akhuleke, ukuze nina bantu ningabona futhi niqonde, umelusi wenu unegunya elifanayo lokunikhulekela ukuthi mina, noma yimuphi omunye

umuntu onalo, futhi babeke izandla zabo phezu kwakho, ngokufanayo njengoba ngikwenzile. Uma ugula esikhathini esizayo, ungalindeli umuntu-mumbe ukuba afike nenkonzo ethize ekhethekile. Niyabona ukuthi kwenzekani lapho umelusi wenu enikhulekela na? Uyaphulukiswa, futhi. Niyabo? Ngakho, bayizinceku zikaNkulunkulu, bayizinceku zikaNkulunkulu, ezimiselwe ukubeka izandla phezu kwabagulayo futhi bakhulekele abagulayo, njenganoma yini enye nje.

241 Uma u. . .Uma ngifumene umusa emehlweni akho njengenceku kaNkulunkulu, ngikholwe, yiba nokukholwa kumelusi wakho, ngoba uyindoda ethunywe ivela kuNkulunkulu, yiba nokukholwa kuye. Manje, uyehla, abanye balababefundisi kanye nami ukusiza ukukhulekela lababantu abasezihlalweni ezinamasondo, uma abanye benu bazalwane bezokwehlela emsamo, basuke emsamo kanye nami ukuba ngibakhulekele.

